# *UPhawu LweSikhombisa*

Ngiyabonga, mfowethu. Ngenkathi sisalokhu simile, asikhuleke.

2 Nkulunkulu uSomandla, mqalisi wokuPhila, nomnikezeli wakho konke okuhle, iziphiwo zikamoya, impela siyabonga manje okwalesi esimangalisa kakhulu, esigqamile, isikhathi senhlanganyelo eBukhoneni baKho; siphawula ukugqama okukhulu ezimpilweni zethu, Nkosi, isikhathi esingasoze sisikhohlwe, akunandaba ukuthi besingahlala isikhathi eside kangakanani. Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi ngalobubusuku bokuvala . . . Siqaphela umBhalo, ngosuku lokuvala lomkhosi, uJesu wama phakathi kwabo wayesememeza kakhulu, "Uma umuntu omile, makeze kiMi!" Futhi ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi lokho kuzophinda futhi kulobubusuku, ukuze sikwazi ukuzwa iPhimbo leNkosi yethu isibiza, futhi isibizela enkonzweni yaKhe, ukuhamba sisondele kakhulu. Siyezwa ukuthi sesilizwile vele iPhimbo laKhe, ekuvulweni kwaleziziMpawu, likhuluma ukuthi wusuku lokugcina, nesikhathi sesiseduze. Yipha lezizibusiso esizicelayo, Baba, eGameni likaJesu Kristu, nangodumo lwaKhe. Amen.

Hlalani phansi.

3 Ngithanda ukwengeza lokhu, lokho, okwazo zonke izinkonzo esengake ngaba nazo empilweni yami, ngikholwa ukuthi leliviki libe yisikhathi esinenkazimulo kakhulu impela sayo yonke impilo yami ezinkonzweni. Akunandaba ukuthi ngine . . . Ngibone izimangaliso ezinkulu zenziwa, kusobala, ngaphambili, nezinkonzo zokuphilisa, kodwa lokhu kungaphambili kwalokho. Bekungesinye sezikhathi ezinkulu, okungukugqama kwempilo yami, ngukuba lapha. Nokubona itabernakele elincane lithatha lokhu ukubukeka okwehlukile; akusikho lokho kuphela, kodwa ingaphakathi lithatha ukubukeka okwehlukile!

4 Futhi, manje, bengibuza uBilly; ubelangazelele kakhulu, mayelana nokuza futhi angithole. Uthe bekukhona elinye iqembu elibhaphathizwayo. Okungukuthi, kugijima phezu kwekhulu, kuleliviki, labantu bebhaphathizwa eGameni leNkosi yethu uJesu Kristu. Ngakho, siya—yabonga. Futhi uNkulunkulu anibusise!

5 Futhi, manje, uma ningenalo ibandla lasekhaya, siyanimema lapha, ukuba nize futhi nihlanganyele kanye nathi. Khumbulani nje ukuthi ibandla livuliwe. Asisilo ihlelo, futhi ngithemba futhi ngethemba ukuthi alisoze laba yihlelo. Inhlanganyelo nje lapho abesilisa nabesifazane, nabafana namantombazane, bahlangana

bazungeze itafula likaNkulunkulu, nenhlanganyelo ngaseZwini, futhi sinazo zonke izinto ngokuhlanganyela.

6 Manje, futhi sinomelusi oyisimangaliso, indoda kaNkulunkulu yangempela, futhi ngibonga kakhulu ngalokho. Uma nizokhumbula, umbono, sekwedlula unyaka, lokho Kudla kwaqongelelwa endaweni. Futhi kunjalo impela. Futhi si . . .

7 Sesinendawo manje, eyenele, okwamaklasi kaSonto sikole, kwayo yonke iminyaka, futhi nje sibonga kakhulu ngalelithuba. Abanye bashilo, ngesinye isikhathi, ukuba nje bebenamaklasi kaSonto sikole lapho ebebengathumela khona abantwana babo. Manje, nina, banawo manje. Ngakho, manje, ngakho wozani nje ngqo futhi nibe nathi uma ningenalo ibandla lasekhaya.

8 Kusobala, uma ninebandla elihle lapho enikhonza khona, futhi lishumayela iVangeli, kanjalonjalo, ngani, lelo nge—lelo ngelinye nje iqembu lethu, niyabo, kwenye indawo. Kodwa uma ningenakhaya, futhi ni . . .

9 Ngiyaqonda ukuthi abaningana babe, uthuthe esuka ezingxenyeni zezwe, ukwenza leli libe yikhaya lasebandleni. Futhi sinemukela ngempela lapha eZwini leNkosi. Futhi ngiyakhumbula, ngiqagele, ngenkathi ngisuka, nginitshelile ukuthi—ukuthi izinkonzo, ngokwazi kwami, zizoba lapha etabernakele.

10 Angikazi namanje ukuthi yini konke iNkosi enakho kwami ngesikhathi esizayo. Ngethemba lokho esandleni saYo, hhayi inkoloze kumbe noma yini. Ngiyalinda nje, usuku nosuku, kuYo ukuba ingiholele endaweni ukuya lapho ebengingaba ngokungcono kwenkonzo yaYo. Futhi uma Isiqedile ngami, khona ngithemba ukuthi Iyongemukela eKhaya, ngokuthula.

11 Futhi, manje, ngibonga kakhulu ngobambiswano lwabantu betabernakele. Njengoba uBilly ubengitshela ngaleliviki, ukuthi, ngiyacabanga, lonke ikhaya elimelwe lapha ngakulelitabernakele linomuntu onabo. Bavula, amakhaya enu nezindawo, futhi bangenisa abantu abebengeke baba nandawo abangaya kuyo. Manje, lezo yizenzo zamaKristu ngempela. Namanye amakhaya avele nje anamathisela wonke umuntu kuwo onke amakhona amancane abebengaba nawo, ukutholela abantu indawo yokuhlala.

12 Ngoba, lesi bekuyisikhathi esinzima ngempela, ngenxa yalokhu, olunye uhlobo lodaba obeluqhubeka, mayelana nezwe lezemidlalo, olunye uhlobo lwebhasket bhola noma enye into, ne—nezindawo ezigodliweyo ebezenziwe. Kanye neqembu elikhulu elivela . . .

13 Ngicabanga ukuthi, abamelwe lapha kulelibandla elincane, cishe, balapha emashumini amabili-nesishiyagalombili noma izifundazwe ezingamashumi amathathu zimelwe khona lapha ebandleni, ngaphandle kwezizwe zakwamanye amazwe ezimbili,

ngakho, nalemvuselelo encane. Ngakho, lokho kuthatha indlwanyana impela, qobo lwakho. Ukwazi nge . . .

14 Bengibuza namhlanje, nabanye abantu. Ngathi, "Bengiqonda ukuthi bebengebaningi kakhulu abantu baseJeffersonville ngapha, emhlanganweni."

15 Omunye wakhuluma, wathi, "Asikwazi ukungena." Awu, lokho, bekuyilokho-ke. Bekuyileso isizathu. Enye yenqubo-mgomo, kanjalonjalo, bebefuna ukuza emhlanganweni, kodwa bathi, babekade bekhuluma ngapha, bathi, kodwa bayenyuka futhi abakwazanga ukungena, ukuthi ibisivele igcwele phama ngaphambi kokuba kube ngisho yisikhathi sokuba bakwazi ukungena. Ngakho baba nesikhathi sabo, mhlawumbe, kamuva, futhi abezanga. Ngakho manje abantu bavela kwezinye izindawo, ngakho sibonga kakhulu.

16 Manje, angazi. Into elandelayo engalandela lena, kungaba ngamaCilongo ayisiKhombisa, komunye umlayezo. Kodwa, eziMpawini, ngokuphathekayo yonke into ifakiwe. Iminyaka yebandla yehla, futhi siyibeka kuqala, okwakusemqoka kakhulu—mqoka kakhulu, kodwa i . . . okwalesosikhathi. Manje, ukuvulwa kweziMpawu kuyakhombisa lapho iBandla liya khona, nokuthi Liphela kanjani. Futhi manje, ngicabanga ukuthi, uBaba waseZulwini ubenomusa ngempela kithi, ngokusivumela sibone esinakho.

17 Futhi ngisho lokhu, ngibuka amanothi amadala engashumayela ngawo, eminyakeni eminingi edlule, ngangisanda kungena nje futhi ngisho lokho engangicabanga ukuthi kwakuyiqiniso, futhi ngiqhubeka. Kwakuqhele kude le nomugqa. Futhi manje, zonke zalezoziMpawu ezine, nganginakho cishe kuyintshumayelo eyimizuzu engamashumi amabili, konke okwakho. Abagibeli abane bamahhashi, beSambulo, ngawaphosa ndawonye ngase ngithi, "Elinye ihhashi laya kwelimhlophe," ngathi, "mhlampe lowo ngu—ngu—ngunyaka wasekuqaleni. Nehhashi elilandelayo kwangena indlala," ngase-ke ngiqhubeka kanjalo. Kodwa, he, ngenkathi iZwi lembulwa ngempela, Kwakuqhele ngamamayela ayikhulu kukho.

18 Ngakho, kusifanele ukuqapha futhi silinde. Futhi mhlawumbe kwakufanele kube yilesisikhathi sokukwenza. Kungahle kube nezinto eziningi ezishiwoyo, ezingahle zingavumeki nabanye abantu. Kodwa ngiyakholwa, nxa kufika isikhathi esikhulu sokusonga, futhi sihlangabeze iNkosi yethu, nizothola ukuthi Kwakuqinisile. Ku—Ku—Kunjalo ngempela.

19 Manje, abantu abangabangaphandle kwedolobha, bevela macala onke ezindaweni ezehlukene, bengena bevela ezifundazweni ezehlukene nezizwe, ngibuthokozela kakhulu ubuqotho benu ukuhamba lonke ibanga, nokuthatha amaholide enu. Nabanye babo ngisho bengenazo nezindawo zokuhlala!

Ngi—ngiyazi, ngoba ngikwazile ukusiza abanye babo bathole indawo yokuhlala. Bengenayo ngisho nemali yokudla ngayo, kumbe noma yini enye, futhi ngakho . . . futhi ngisho nokuza, empeleni, bebheke ukuba kwenzeke into ethize, ukuyinakekela. Futhi nokukholwa okukhulu kangaka kulokho, ukuthi akunandaba ukuthi uma bezodingeka bahambe bengenakudla, noma ngisho indawo yokuhlala, bafuna ukuza bazozwa lezo, lezozinto zenzeka, empeleni. Lobo ngubuqhawe ngempela, niyazi. Futhi wonke umuntu ube yikhulu lamapesente nje!

20 Ngihlangane nos'bali wami emuva lapho, obe—be . . . wayebeke isitini sendlu yokukhonzela, kanjalonjalo. Futhi bengimtshela mayelana nokuthi ngiwuthokozela kanjani umsebenzi wakhe. Angisuye u—umbazi wamatshe ezitini, noma angazi lutho ngakho. Kodwa ngiyazi ukuthi yini ikhona eliyisikwele, nokuthi ngabe silungiswe saba wuhlobo olukahle yini.

21 Futhi uthe, "Ngizokutshela." Wathi, "Asikaze sibekhona isikhathi esinjalo, cishe impela, osewake wabona ukuzwana okunje phakathi kwamadoda, nxa onke esebenza ndawonye."

22 UMfowethu Wood, uMfowethu Roberson, nawo wonke umuntu nje bebeka endaweni yabo, yonke into. Nomfowethu o—obeka ukuzwakala komsindo, i . . . Ngiqonde impahla yonke edingekayo yemibhobho yokukhuluma emphakathini nayo yonke into, ebandleni. Bathi, "Yonke into yasebenza kahle nje." Nxa kukhona into abayidingayo, kwakuba khona indoda ema lapho ukuba ikwenze. Ngakho ku . . . uNkulunkulu ukulo lonke uhlelo. Sibonga kakhulu ngalokhu.

23 Abanikeli abakhulu abaningi ebandleni, ukusiza ukukwenza, njengoMfowethu Dauch noDadewethu Dauch nje behlezi lapha, nabaningi abanye onikele kanzima kulesisisusa. Futhi ngicabanga ukuthi, ngaso impela isikhathi, abashodi nangoluncu futhi konke kukhokhelwe. Ngakho sibonga kakhulu ngalokho.

24 Khumbulani, yibandla lakho, ngokuba uyinceku kaKristu. Futhi yilokho eyakhelwe khona lapha, umnyango ovulekile ukwenza izinceku, nangezinceku esezivele ziyizinceku zikaKristu, ukuba zingene futhi zizithokozele ngasenhlanganyelweni kaJesu Kristu. Futhi sifuna nazi ukuthi wonke umuntu wemukelekile.

25 Futhi manje nxa ningizwa ngezinye izikhathi, phansi kwesikhathi sogcobo, kuthi ukuhhala kwehlise ikhethini enhlanganweni, a—angikuqondile lokho ngokumelana nomelusi wakho, noma ngokumelana nanoma yimuphi umfowethu, udadewethu, ebandleni. Ngoba, empeleni, uNkulunkulu unabantu kuzo zonke izinhlangano elapho. Kodwa Akayemukeli inhlangano; Wemukela umuntu ngamunye enhlanganweni. Ne . . . Akuthathi inhlangano.

26 Ngakho-ke, nxa abantu bebopheka kakhulu ngasenhlanganweni, khona-ke akukho okunye abangakubona kodwa nje lokho ibandla elikushoyo, niyabo. Nalokho kwenza kungabina-nhlanganyelo nabanye, futhi inqubo uNkulunkulu angathokozile ngayo, futhi kuludaba lokwezwe olungazange lwamiswa nguNkulunkulu.

27 Ngakho, manje, angiqondile noma ubani umuntu ngamunye. IKatolika, elamaJuda, noma kungahle kube yini, noma—noma iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, noma yiyiphi inhlangano, akukho-zinhlangano, no—nokungesiwo amahlelo, nabo bonke, uNkulunkulu unabantwana baKhe abahlezi phandle phakathi lapho. Niyabo? Futhi izikhathi eziningi ngikholwa ukuthi baphandle lapho ngenhloso, ukunikeza ukuKhanya, kudonsela ngaphandle labo abamiselwe ngaphambili macala onke ndawo zonke. Na—nangalolosuku olukhulu, siyobona-ke, iBandla leNkosi uJesu Kristu lizobizelwa e—esikhathini esikhulu somhlangano emoyeni, futhi sonke sizokwenyuka ukuYihlangabeza. Futhi ngi—ngibheke lelohora.

Manje, kuningi kakhulu obekungashiwo!

28 Futhi kulobubusuku, kobokugcina, ubusuku bokuvala, njengokwejwayelekile, wonke umuntu u...Enkonzweni yokuphilisa, ngithola ukuthi, phansi kwamathemba ezinto ezinkulu ukuba zenziwe enkonzweni yokuphilisa, ebenza baphakanyelwe amaphaphu, ukuba novalo. Bese kuthi-ke ngithola, into efanayo kulobubusuku, ukuthi wonke umuntu uphansi kokulindela lokubona ukuthi kukanjani... Futhi ubusuku ngabunye, bekungaleyondlela, okokuvulwa kwalezoziMpawu.

29 Manje ngifuna ukwenza lokhu kucace ngempela. Ngaso sonke isikhathi, sonke isikhathi leziziMpawu lufike endaweni; yonke into engake ngayikholwa kuZo, nofundile ngabanye abantu, bekuphambene nalokho okufika kimi ekamelweni.

30 Futhi umqondo wami, kulesisikhathi...Isizathu sokuba ngibe naleyonkonzo yokuphilisa kulokhu ukusa, ngoba umqondo wami wokobuntu usudeda kakhulu endleleni yami uqobo yokucabanga. Ngizamile ukuhlala e—ekamelweni nezisitho zivaliwe, nelambu likhanya. Lolu wusuku lwesishiyagalombili. Futhi ngingangeni ngisho nasemotweni yami, ukuba ngi—ngiye noma kuphi.

31 Ngidingeke ngihambe nabanye abafowethu, sehlele emabhange, ukusayina amanye amanothi nezinto, ngemali nezinto ebezebolekiwe kwenzelwa lelibandla. Kodwa ngi—kodwa ngibuyela emuva ngqo, ngase ngiyotadisha ngqo.

32 Nento exakile, akukaze kube khona noyedwa umuntu osho noma yini. Kumbe, ngokwejwayelekile, bayangqongqotha, futhi bedonsa, futhi amacala onke. Akukaze kubekhona neyodwa into. Bekuyisimanga ngempela.

33 Lapho kade ngidla khona, kwaMfowethu Wood. Ngokuvamile leyondawo igcwala phama izungezwe yizimoto. Futhi babenabantu abayisishiyagalombili noma abayishumi abehlukene obezoza futhi bahlale nabo ngalesisikhathi, futhi akukho namunye wabo ozayo.

34 Manje-ke, kulokhu ukusa, angisoze ngakukhohlwa lokhu ukusa, umusa woMsindisi wethu kweyaKhe ekhathele, inceku ekhandlekile. Ngenkathi, sengiphendule umbuzo womuntu ozihluphekelayo, futhi, ngokwazi kwami konke, ngicabanga ukuthi ngenze kahle. Futhi, khona manjalo, kwaba sengathi bengi—ngithathe into ethize kumntwana, ngilahlwe kakhulu yicala, futhi bengingazi ukuthi bekuyini. Futhi ngacabanga, mhlawumbe ngenxa yokuthi bengiphikelela ukuba ngifinyelele kuleyonkonzo yokuphilisa, mhlawumbe omunye egula kanzima kakhulu, obedinga ukukhulekelwa ngayo leyonkathi. Ngase ngibuza izethameli. Emizuzwini embalwa, kwembulwa. Nomunye wathi, "Ungephinde yini ufunde eyakho—ufunde indikimba yakho na?" noma okuthize. Futhi lesosikhathi, ngacosha isinqamu sephepha ngase ngisifunda futhi, ukubona ukuthi besithini. Ngase ngibuka phansi eNcwadini, futhi bekwehluke ngakho konke, umbuzo ebengiwuphendula. Niyabo?

35 Ake ngedlulisele lokhu kini. Uma kungena okungaPhezu kwemvelo, lowo ngumqondo kaKristu. Uqhela kakhulu ekucabangeni kwakho uqobo, kuze kuthi, emqondweni wakho uqobo, ngi. . . Lokhu, u. . . Angi. . . Angingazami ukuchaza lokho, ngoba ngingeke. Niyabo? Bengingekwazi ukukwenza. Akekho obengakwenza.

36 Wayengakwenza kanjani lowomuntu, lowo nguElija, ame lapho entabeni, phansi koBukhona bukaNkulunkulu, futhi wadonsa umlilo wehla uvela ezulwini, kwase kuba yimvula-ke ngqo emva komlilo na? Wayese-evala amazulu, futhi alinanga iminyaka emithathu nezinyanga eziyisithupha, futhi ubuyela emuva ngqo futhi ubiza imvula, ngalo lolosuku olufanayo! Futhi phansi kwalologcobo, kanjani . . . Wayesekhipha abapristi abangamakhulu amane wayesebabulala; wase-ke ebalekela ehlane, ekhala kakhulu ngenxa yempilo yakhe, ngosongo lowesifazane oyedwa. Niyabo? UJezibele, wafunga ukuthi wayezothatha impilo yakhe. Ngenkathi, uAhabi nabo bonke wayelapho, ukubona uBukhona bukaNkulunkulu nesimangaliso esikhulu senziwa. Niyabo, okwakhe. . . UMoya wase umshiyile. Ngendlela yakhe yokucabanga kwemvelo, wayengazi ukuthi uzocabangani, niyabo. Wayengakwazi ukuzicabangela.

37 Futhi, khumbulani, iNgelosi yamlalisa, yase imphumuza. Yamvusa, imnika amaqebelengwane; yase ibuye imlalisa, yase imphumuza; yase imvusa, futhi imnika amaqebelengwane futhi. Futhi asazi ukuthi kwenzekani endodeni, izinsuku

ezingamashumi amane. Wayese-ke ehoshelwa emgedeni, ndawo ndawo, uNkulunkulu wayesemdonsa.

38 Ungazami ukuchaza lokho kokungaPhezu kwemvelo. Ungeke wakwenza. Niyabo? Into kuphela yokwenziwa, ngukuqhubeka nje ngqo. Futhi ngizama ukuzenza ngicace ngakho konke engingakwenza, kodwa kusukela kuqhubeke ngizo . . . Ngicabanga ukuthi angisophinde ngikuzame futhi. Uzokholwa ngokoqobo nje, noma qha. Futhi ngi . . . Uzobona, kamuvanyana, ngani.

Manje, ngizamile ukuba qotho. UNkulunkulu uyakwazi lokho.

39 Nalowombuzo kulokhu ukusa. Bengizama ukuwuphendula nje ngobukhulu ubuqotho ebengazi ukuthi kanjani. Ngifunde nje ingxenye yokuqala yevesi, futhi bekuyi . . . bekungelunge. Kodwa uMoya oNgcwele, ngiqonda ukuthi ngi . . . umqondo wami . . . Niyabo, bukani, izinsuku ezimbili noma ezintathu ezedlule, obekwenzeka. Niyabo, ngi— ngibize amakhulu ayisikhombisa . . . "izinkulungwane eziyisikhombisa," amakhulu ayisikhombisa. Kulokhu ukusa, bengizama, futhi kucoshwe ngabantu, niyabo, nalokho kukhombise ukuthi beniqaphele. Manje, omunye, lapho ebengizama khona ukuthi "ijuba," futhi ngalibiza ngewundlu; kodwa ngasheshe ngakubamba lokho. Kwase kuthi-ke, lapha, okunye angibambanga kulokho, uMoya oNgcwele wajika ngqo wabuye wangibizela kukho.

40 Lokhu ngukuqinisa okukabili ukuthi lezizinto ziqinisile. Zi . . . UNkulunkulu uqaphile, ukubona ukuthi Kuqinisile. Kunjalo. Uyakufuna. Ufuna nazi ukuthi KuyiQiniso.

41 NguYe oKuthumelayo, ngoba impela bekunga . . . Kubekukhulu impela nje kimi, ukufunda, njengoba bekunjalo kini. Futhi ngakho si . . . Ngibonga kakhulu ngo—ngo—ngokwazi, ukwazi manje ngeNkosi, ukuthi hora lini esiphila kulo; niyabo, siphila ngqo esikhathini sokuphela, ngaphambi kokumuka kweBandla. Manje nje . . .

42 Kade sixoxa, ngakho ake sicele nje izibusiso zaKhe eZwini futhi.

43 Baba wethu waseZulwini, nakhu kufika lobobusuku obukhulu, ihora elikhulu lapho into enkulu yenzekile. Kade imacala onke kubantu. Futhi, Baba, ngikhulekela ukuthi kulobububusuku kuzokwaziswa, ngale kwethunzi lokungabaza, ezinhliziyweni zabantu nomqondo, ukuthi bazokwazi ukuthi uNkulunkulu usalokhu esesiHlalweni sobukhosi, nokuthi Usalokhu ebathanda abantu baKhe.

44 Futhi yihora, ihora izwe ebelilangazelele ukulibona, manje seliyasondela, ngokuba likhalela ukuhlengwa. Singayibona imisuka yezinto ilungele ukulibuyisela emuva. Singayibona imisuka yezinto ilungele ukungenisa iBandla eBukhoneni

bukaKristu. Singambona u—uMlobokazi ethatha isimo, embatha ingubo yomshado, elungela. Singazibona izinkanyizo zilokoza. Siyazi ukuthi sisekupheleni.

45 Manje, Baba waseZulwini, njengoba lokhu kuqhubeka manje ukushumayela, noma ukufundisa ngalesi esikhulu, isehlakalo esinamandla esenzeke eNkazimulweni, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili ezedlule, futhi sanikwa kumphostoli omkhulu othandekayo, uJohane. Futhi kulobubusuku sizokhuluma phezu kwaSo. UMoya oNgcwele mawuze ngaphambili manje ngaMandla aKhe amakhulu esambulo, ukuze Asembulele leyonto Afuna siyazi, njengoba Ebenakho ebusukwini obumbalwa obedlule. Sizinikela kuWe, neZwi, eGameni likaJesu. Amen.

46 Manje, njengoba nifuna ukuphenya, mhlawumbe, emaBhayibhelini enu. Naleli yivesi elifishane nje, ivesi elilodwa lomBhalo. Kodwa, yivesi lokugcina, litholakala . . . uPhawu lokugcina, njalo.

Manje, izolo ebusuku besikhuluma ngoPhawu lwesiThupha.

47 UPhawu lokuQala, lungukwethulwa komphikukristu. Isikhathi sakhe sedlula, futhi siyabona ukuthi waphuma kanjani.

48 Ukuthi saba kanjani isiDalwa esethulwayo, eMandleni kaNkulunkulu aphuma namandla omphikukristu, ukulwa nawo! Angikholwa ukuthi bekungaba nombuzo emqondweni kanoma ubani ngakho.

49 Manje siyathola-ke, kusemva kwalokho masinya, lapho unyaka webandla, lezoziDalwa ezahamba khona.

50 Sidlula, siyathola, sishintshile, sonke isithombe lapho, azisekho iziDalwa eziphumayo. Niyabo? Kodwa, kwakwethula, kuza phambili, ngale esikhathini sokuHlupheka, emva kokuba iBandla lase liphumile.

51 Kufitha ngokuphelele kanjani pho neminyaka yebandla! Angiboni nokukodwa okuncane, into eyodwa engazange ifithe ngokuphelele, ngisho naseminyakeni nayo yonke into, nezikhathi. Kucabangeni. Lokho kuyakhombisa, kwafanele kube nguNkulunkulu owakwenzayo. Umqondo womuntu wawungeke ukulinganise lokho. Futhi manje sithola ukuthi lokho, futhi, si . . .

52 INkosi isivumela sithathe umBhalo, umBhalo oNgcwele, ukuthi uJesu wathi kwakuyokwenzekani. Nokuthi sasiyoke sikuthole kanjani lokho na? Futhi lapha, ufika ngapha futhi uyembula, futhi ukuletha ngakho impela. Intshumayelo yaKhe lapho, ephendula lokho, ukukhiphela impela ephuzwini, eziyisithupha seziMpawu, kodwa Washiya olwesiKhombisa. Niyabo?

53 Manje-ke ngenkathi iziMpawu zembulwa, uNkulunkulu, qaphelani lapha, Washiya ukwembula ngisho nanoma yisiphi isifanekiso soLwesiKhombisa. Niyabo? Luyimfihlo ephelele noNkulunkulu. Qaphelani. Manje sizofunda eBhayibhelini, o—oPhawini lwesiKhombisa. Olutholakala eSambulweni, isahluko 8.

> Futhi *kuthe ukuba liluvule uphawu lwesikhombisa, kwathi du ezulwini kungathi* inxenye ye*hora*.

54 Futhi yilokho kuphela esinakho kulo. Manje sizoqaphela.

55 Futhi ngingazami ukubambezela isikhathi eside kakhulu, ngoba abaningi benu bazoba sendleleni, okwamanje, kulobubusuku, beya ekhaya. Futhi ngicabangile futhi, nginenkonzo yokuphilisa kulokhu ukusa, okunganidedela nihambe ekuseni, ningalindi ngaleya. Futhi manje si . . .

56 Nami, futhi, ngifanele ngihambele e—eTucson, eArizona, lapho ngakhe khona. Futhi yikhaya lami manje. Bese kuthi-ke ngi—ngifuna ukubuyela lapha, iNkosi ithanda, ngase . . . Umndeni ufuna ukubuyela izinsuku ezimbalwa ngoJuni. Futhi, manje, mhlawumbe ngizothola ukuhlangana nani nonke ezansi lapha, umhlangano ngalesosikhathi.

57 Inkonzo yami ekhonjiweyo elandelayo yiAlbuquerque, eNew Mexico. Ngicabanga ukuthi ziyisishiyagalolunye, ziyishumi, nangamhla ziyishumi nanye. Ngiyoba lapho ngoLwesine noLwesihlanu lukaGudi. Ngakho, bengizoba nayo yonke into, futhi ngibe nezinye izinsuku ezinqunyiwe lapho engingakwazanga khona ukuphumelela kuze kube yilesosikhathi, ngakho ngizoba noLwesine ebusuku noLwesihlanu ebusuku, eAlbuquerque, eNew Mexico.

58 Bese kuthi-ke—bese kuba o—okulandelayo, kuyaziwa, kuseduzane, kungokungenzeka. Asazi ngokweqiniso. Lokho kuzoba kubangani bami abahle, i—iqembu labathi *UkuMemeza kwaPhakathi nobusuku*, e . . . enhla eNingizimu Pines, eNyakatho Carolina.

59 Futhi basefonini phakathi lapho manje, okungukuthi, bathumele amatelegramu, umlayezo, nayo yonke into, futhi basondela kangaka, benzela elinye iqembu, eLittle Rock; yabantu beGama likaJesu engaba nomhlangano nabo, ngale eCow Palace ngehlobo eledlule. Banengqungquthela yabo eLittle Rock, eArkansas. Futhi kade belokhu, kusukela ngonyaka odlule, befuna okungenani ubusuku obubodwa. Noma, uwufuna wonke, kodwa babelungele ngisho nobusuku obubodwa. Futhi ngakho ngabatshela, ngingazi nje ukuthi ngizokwenzenjani, ngathi bangakufaka esikhangisweni, "kungaba nokwenzeka." Khona-ke bazokwazisa kamuvanyana.

60 Ngabe ushayile nje? Ehhe. Kulungile. Uthini? [Umfowethu uthi, "Hot Springs."—Umhl.] Hot Springs, ngabe yikho? Ngiphaphalazile. ["Zingamashumi amabili-nane."]

Zingamashumi amabili-nane ku. . .["Meyi."] Meyi? [Omunye uthi, "Zingamashumi amabili-nane kuya zingamashumi amabili-nesishiyagalombili kuJuni."] Zingamashumi amabili-nane kuya zingamashumi amabili-nesishiyagalombili kuJuni. Manje kumenyezelwe, "Kunokwenzeka," lokho ngukuthi, "uma kuyintando yeNkosi." Niyabo? Ngizo . . .

61 Nasi isizathu sokuba ngithande ukwenza lezozinto. Nizofunda kamuvanyana, manje, niyabo. Uma ngifika endaweni, ngithanda ukubeka izinyawo zami phansi lapho, ngazi ukuthi uNkulunkulu uthe, "Yana lapho." Bese-ke uma isitha siqubuka nomaphi, ngithi, "Ngilapha ngeGama leNkosi uJesu. Hlehla nje!" Niyabo? Niyabo? Niyabo? Futhi u—uqinisekile, umhlabathi wakho, uyabo. Uma Ekuthume nomaphi, Uyokunakekela. Niyabo? Kodwa uma uhamba, ngokucabangela, khona-ke angazi; Angahle angabibikho lapho. Ngakho ngi—ngifuna ukuqiniseka ngawo onke amandla ami. Ngithathe okuningi Angangitshelanga ukuba ngikuthathe, kodwa ngi—ngithanda ukuqiniseka ngakho konke okungenzeka. INkosi inibusise nonke manje.

62 Manje, manje siyaqaphela, leli kuyivesi elilodwa nje lapha, sithanda ukwenza into ethize kancanyana nje—kancanyana ngaphambi kwalapha. Niyaqaphela, seqe isahluko 7. Isahluko 6 siqeda olwesiThupha, uPhawu lwesiThupha. Kodwa, phakathi koPhawu lwesiThupha noPhawu lwesiKhombisa, kukhona into eyenzekayo. Niyabo? Futhi lokho kubekwe kahle kanjani—kanjani nje endaweni yakho efaneleyo, phakathi kwese, isahluko 6 nese 7. Manje niyaqaphela esahlukweni 7, siyaqaphela, phakathi kolwesiThupha nolwesiKhombisa, kunomkhathi. Umkhathi, phakathi kwese, isahluko 6 ne 7 seNcwadi yeSambulo, futhi kuphakathi koPhawu lwesiThupha nolwesiKhombisa lapho lomkhathi unikezwa khona. Manje sifuna ukuqaphela lokhu. Kusemqoka kakhulu ukuthi siqaphele lesisikhathi esincane.

63 Manje khumbulani, emva kwesahluko 4 seSambulo, iBandla selihambile. Emva kwa—kwabagibeli bamahhashi abane esephumile, iBandla selihambile. Niyabo? Yonke into eyenzeka eBandleni, yenzeka ize iyofika esahlukweni 4 seNcwadi yeSambulo. Yonke into eyenzekile emnyakazweni womphikukristu, yenyuka yaze yayofika esahlukweni 4. NoPhawu lweSine lweSambulo, kokubili komphikukristu noKristu, kwaphela. Nomphikukristu ufika ekulahlweni kwakhe, nanempi yakhe; noKristu uza nempi yaKhe.

64 Yimpi endala eyaqala emuva le, ngaleya kwesikhathi. Kwase kuthi-ke babe. . .USathane nezingelosi zakhe wakhahlelwa wakhishwa, kwase kuthi-ke zafika emhlabeni. Nempi yangena futhi, ngoba uEva wephula izithiyo lapho ayebekwe khona yedwa, emva kweZwi likaNkulunkulu. Futhi kusukela ngalo lelohora, uSathane wayiwina impi phezu

kweZwi likaNkulunkulu, ngoba esinye sezikhonzi zaKhe, esibuthakathaka kunesinye, sawisa imigoqo. Futhi uyiwine kanjalo-ke impi ngaso sonke isikhathi, bekuyingoba esinye sezikhonzi zaKhe sawisa umgoqo eZwini.

65 Futhi kwenziwa kulonyaka webandla wokugcina, ngenqubo yenhlangano. Okungukuthi, elangempela, langoqobo, ibandla elingcwele likaNkulunkulu ophilayo, linomgibeli wamanga, lalingalemukeli iZwi, futhi laphendula ibandla lisuka eZwini laya embhedeshweni.

66 Manje, bangaki owaziyo ukuthi ngumbhedesho ibandla eliRoma Katolika elakhelwe phezu kwawo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngabe bayakuvuma na? Ngokoqobo. Impela. Ngempela, bayakuvuma. Akusikho lokho kuphela. IKatolika, impela, bekungeke kwalimaza imizwa yabo nakanci, ngoba bayakwazi lokho. Banezelele okusha, lapha kungekudala, ukuthi uMariya wavuswa. Niyakukhumbula, lapha eminyakeni embalwa edlule, cishe iminyaka eyishumi. Bangaki okukhumbulayo lokho na? ["Amen."] Iphepha, phakathi lapho. Impela. Niyabo? Yonke into, u "mbhedesho" omusha. Niyabo, konke ngumbhedesho, hhayi iZwi. Niyabo?

67 Umpristi, engxoxiswaneni maduze nje, wathi, "Mnu. Branham," wathi, "UNkulunkulu usebandleni laKhe."

Ngathi, "UNkulunkulu useZwini laKhe."

Wathi, "Asifanele ukuphikisana."

68 Ngathi, "Angiphikisani. Ngenza inkulumo-mbiko nje. UNkulunkulu useZwini laKhe. Kunjalo. 'Noma ubani oyosusa noma yini kuLo, noma enezele noma yini kuLo,' kwasho iZwi."

69 Wathi, "Awu, uNkulunkulu wanika . . . UKristu wanika iBandla laKhe amandla, futhi wabatshela: noma yini abakubopha emhlabeni, kobe kuboshiwe naseZulwini; futhi yini . . . "

Ngathi, "YiQiniso impela lelo."

70 Wathi, "Sinakho, e . . . phezu kwalomgomo, ukuthi sinamandla okuqaqa isono."

71 Ngase ngithi, "Uma ukwenza ngendlela okwanikezwa ngayo eBandleni, nangendlela abakwenza ngayo, ngizokwemukela. Uma ukwenza, kunamanzi lapha, okuba u 'bhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu,' niyabo, hhayi ngomunye umuntu ekutshela ukuthi izono zakho zithethelelwe." Niyabo? Niyabo? Lokho impela.

72 Bhekisisani uPetru enezihluthulelo, ngoSuku lwePhentekoste. Khumbulani, unezihluthulelo abakhuluma ngazo. Nama—madoda athi, "Madoda bazalwane, yini esingayenza ukuba sisindiswe na?"

73 UPetru wathi, "Phendukani, yilowo nalowo, abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu" (kwenziweleni na?) "kukho ukuthethelelwa kwezono, khona-ke niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso ngesenu, nesabantwana benu, labo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Kunjalo. Ngakho lokho kukuxazulula phakade. Sekuphelile. Lokho kwakwenza.

74 Manje, kodwa, niyabo, umphikukristu uyangena, njengoba sikudwebe isithombe futhi sakukhombisa. Isambulo esinje pho! He, he! Nokucabanga, yonke leminyaka, sikubonile kuqhubekela phambili. Futhi lapha khona ngokoqobo, ngokuqondile, ISHO KANJE INKOSI.

75 Manje, futhi siqaphela lomkhathi manje, phakathi kwe, sahluko 6 nese 7. Manje, isahluko 7 seSambulo, nansi i—i . . . sembula ukwenzeka. Akukho phakathi lapha okwamahhala nje. Akufakiwe, phakathi kwalokhu, mahhala. Niyabo? Kulapha ngenhloso, futhi yisambulo esembula okuthize. Qaphelani ukuthi kuyimfihlakalo kanjani nokuthi ngokwezibalo kufitha kanjani emBhalweni ngqo! Niyabo? Impela.

76 Niyakholelwa ezibalweni zikaNkulunkulu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Uma ningakholelwa, impela nilahlekile e . . . Impela nizolahleka eZwini, uma niqala ukufaka isine noma isithupha, noma—noma into ethize, ngaphandle nje kwamazwi ezibalo ehamba ngokuhlelekile. Nizoba nakho impela enkundleni yenu, inkomazi icosha utshani esiqongweni sesihlahla, ndawondawo. Impela nizophuma. Ngoba, uNkulunkulu aka . . . Lonke iZwi laKhe lihamba ngokuphelele e—e—ezibalweni. Yebo, mnumzane. Kuphelele, okuphelele kakhulu! Ayikho enye incwadi yokufundwa ebhalwe njengaYo, njengaYo, iphelele kakhulu ezibalweni—zibalweni.

77 Manje, i—isahluko 8 kuphela sembula inkundla ye—nkundla yoPhawu lwesiKhombisa, lapho kungembulwa lutho olunye, manje, lutho. Ayembulwa oPhawini lwesiKhombisa . . . manje, akuhlangene ngalutho nesahluko 7 se—seSambulo. Kuyembula, okoPhawu lwesiKhombisa, ngokuphelele kuthule. Futhi ukuba kuphela benginesikhathi . . . ngizozama izindawo ezimbalwa, ukunikhombisa.

78 Kusukela le emuva, kusuka kuGenesisi, lesi sesiKhombisa isahl- . . . noma loluPhawu lwesiKhombisa ku—ku—kukhulunywa ngalo. Kusukela khona ekuqaleni, kuGenesisi, lolu lwesiKhombisa uPha- . . .

79 LeziziMpawu ziqhubekela phambili ngqo. Beningekhumbule yini, kulokhu ukusa, kukhuliswa lezizinto na? Futhi bhekisisani, kulobubusuku, zikhuliswa. Futhi niyathola, uma kufika kuloloPhawu lwesiKhombisa, uyanquma. [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe kanye—Umhl.] Yebo.

80 UJesu Kristu, ekukhulumeni, qobo lwaKhe, wakhuluma ngesikhathi sokuphela. Futhi ngenkathi Ethola... Wakhuluma ngazo zonke iziMpawu eziyisithupha. Esefika kolwesiKhombisa, Wama. Nanto, niyabo. Luyinto enkulu.

81 Manje, manje, sizokhuluma lapha manje ngalesisahluko 7, umzuzu nje, uku—ukuthi ukukwenza ibriji phakathi, phakathi koPhawu lwesiThupha nolwesiKhombisa. Ngoba, yileyompahla kuphela esinayo ukuba siqhubeke, khona manje, ngolwesiThupha... phakathi koPhawu lwesiThupha nolwesiKhombisa, ngukubizelwa ngaphandle kukaIsrayeli.

82 Manje, nginabangani abaningi abakahle abangoFakazi bakaJehova abahlezi lapha, yilokho kuphela... noma akade beyibo. Mhlawumbe abanye babo usalokhu enguye uFakazi kaJehova. Kodwa bahlala njalo bebhekisele, uMnu. Russell wakwenza, lezizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane, ngokuba nguMlobokazi kaKristu ongaphezu kwemvelo. Niyabo? Ba... Akusuye.

83 Akuhlangene ngalutho onyakeni webandla, nhlobo. BanguIsrayeli ngokoqobo. Manje, sizofunda emizuzwini embalwa. Manje, lomkhathi, phakathi kolwesiThupha... iziMpawu, ngukubizwa nokubekwa uphawu kwamaJuda ayizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane, abizwa ngesikhathi sokuHlupheka, emva kokuba iBandla selihambile. Niyabo? Akuhlangene ngalutho nonyaka webandla, nhlobo. O, iyabizwa, futhi kusekuzwaneni ngokuphelele nomBhalo. Amasonto kaDanyeli okugcina amathathu nengxenye, abelwe "abantu" bakaDanyeli, niyabo, hhayi abeZizwe. Ku "bantu" bakaDanyeli, noDanyeli wayengumJuda!

84 Manje qaphelani, uIsrayeli, uIsrayeli ukholwa kuphela abaprofethi bakhe, futhi, emva kokuba sebeqinisekisiwe.

85 Futhi akukho-ndawo onyakeni webandla, selokhu kwaba yiBandla lababphostoli lasekuqaleni, ukuthi ibandla lamaProtestane lake laba nomprofethi. Ngitsheleni ukuthi kwakungubani, futhi ningikhombise khona. Akukaze! Babeno, onyakeni wasekuqaleni wababphostoli, oyedwa owayebizwa ngoAgabus, owayengumprofethi oqinisekisiwe. Kodwa e... Ngenkathi abeZizwe bengena, efeni likaNkulunkulu, noPawulu waphendukela kwabeZizwe. Emva kukaPetru, njengoba sifundile izolo ebusuku, wayemukele eNkosini, ukuthi, "Wayethatha a—abantu kwabeZizwe, ngeGama laKhe, uMlobokazi waKhe," manje-ke abakaze, emakhasini omlando, umprofethi wabeZizwe. Manje buyela emuva nje emlandwini futhi uthole. Ngani na? Impela, bekungaphambana neZwi. Impela.

86 Ngenkathi esokuqala siphuma, kwakuyingonyama, lelo kwakuyiZwi lomprofethi.

Esilandelayo saphuma, kwakungumsebenzi, umhlatshelo.

Esilandelayo siyaphuma, kwakungukuhlakanipha kobuqili ko—komuntu.

87 Kodwa siyethenjiswa, ngosuku lokugcina, ukuthi ukubuyela eBandleni futhi, ngokuzuza kokuqondisa wonke lowo odukisiwe, wageja, wathukulula, washiwa engathukululiwe. Ngokuba, kubikezelwe lapha ukuthi uMlayezo wengelosi yesikhombisa wawuzoqeda izimfihlakalo zikaNkulunkulu. Futhi, manje-ke, sedlule kuWo wonke. Siyabona ukuthi Unokuzwana ngokuphelele nomBhalo. Yingalesosizathu.

88 Manje, ubungathini nje, nxa lomuntu efika enkundleni na? Nxa enza, khumbula, kuyothoba kakhulu nezinto, amabandla ayoze akugeje kude le. Futhi ubungathini nje, amabandla, eselokhu ephansi kwesiko labaguquli, ake aze emukele umprofethi ovela kuNkulunkulu, obeyothi ngokugxilile amelane nokufundisa kwawo nezinhlangano na?

89 Manje, munye kuphela umuntu obengagcwalisa lokho, uMoya owodwa kuphela oseke waba semhlabeni, engimaziyo. Bekuyoba phakathi kokuthi ngu. . .Bekuyoba nguElija, ngesikhathi sakhe. Futhi kwabikezelwa ukuthi ukuthi kwakuyoba njalo, okungelutho kodwa uMoya kaKristu.

90 Nxa uKristu efika, WayengukugcwaIa. WayengumProfethi. Wayengu—nguNkulunkulu wabaprofethi. Niyabo? Niyabo?

91 UKristu, bukani ukuthi baMzonda kanjani. Kodwa Ufika impela ngendlela iZwi elathi Wayezofika ngayo. Kodwa ngenxa yokuthi WayengumProfethi, bazihlambalaza bona uqobo baqhela eMbusweni kaNkulunkulu, ngokubiza uMoya kaNkulunkulu, owawuhlukanisa kanjalonjalo ngokuthi, "umoya ongcolile." Bathi, "Wayengu—Wayengumbhuli, noma udeveli," yilokho.

92 Umbhuli ngudeveli, niyabo, umoya kadeveli. Impela. Benikwazi lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngokoqobo. Ukubhula kungukuzifanisa nomprofethi, okungukuhlambalaza ngokoqobo phambi kukaNkulunkulu.

93 Manje qaphelani. Babizwa, ekuzwaneni okuphelele nemiBhalo, kaDanyeli yeminyaka emithathu nengxenye eyodwa yokugcina.

94 Qaphelani, ikholwa likaIsrayeli—amakholwa atshelwa kuphela, eTestamenteni eLidala, ukuba bakholwe ngabaprofethi babo emva kokuba umprofethi eseqinisekisiwe. "Uma ekhona phakathi kwenu, ongowomoya noma umprofethi, Mina iNkosi My-. . .Nkulunkulu wenu ngiyakuZibonakalisa kuye, futhi ngikhulume kuye ngemibono, ngamaphupho, ahumushe amaphupho." Omunye unephupho, umprofethi uyokwazi ukulihumusha. Futhi uma—uma enombono, uyawukhuluma. "NgiyakuZibonakalisa kuye ngemibono nangamaphupho, ngiZibonakalise. Futhi uma akushoyo kufezeka, khona-ke mzweni lowomprofethi, ngoba Nginaye. Uma kungakwenzi,

khona-ke ningamesabi nhlobo." Ya. Kunjalo. "Dedani, myekeni kanjalo nje, niyabo." Manje lokho yi . . .

95 Manje, uIsrayeli njalo uzokukholwa lokho. Futhi aniboni na? Ngoba ngani na?

Manje ngifuna nisibambe lesisifundo kahle, kulobubusuku, manje.

96 Ngani? Ngoba, lolo wuhlelo oluvela kuNkulunkulu, kubo. Angikhathali ukuthi mingaki imigudu abeZizwe abangafinyelela ngayo laphaya futhi basabalale. Angikhathali ukuthi udabula kangakanani kwaIsrayeli neBhayibheli phansi kwengalo yakho, ufakazisa *lokhu, lokho,* noma *okunye*; abasoze bemukela lutho kodwa umprofethi. Kunjalo impela. Ngokuba, umprofethi nguye kuphela obengathatha iZwi lobuNkulunkulu futhi aLifake endaweni yaLo, futhi abe ngumprofethi oqinisekisiwe. Bayokukholwa. Kunjalo.

97 Njengoba bengikhuluma nomJuda enhla lapha eBenton Harbor, ngenkathi lowoJohn Rhyn, eyimpumputhe yonke impilo yakhe, cishe, wabona. Bangiyise lapho, leyondlu kaDavide. Nalorabi uphuma nentshebe yakhe ende. Wathi, "Yiliphi igunya owanika ngalo uJohn Rhyn ukuba abone na?"

Ngathi, "EGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu."

98 Wathi, "Makube kude noNkulunkulu eneNdodana!" Niyabo? Wayesethi, "Ninabantu ningeke nanquma uNkulunkulu abe yizijuqu ezintathu bese niMnika iJuda. Nenze oNkulunkulu abathathu ngaYe; niyisigejane sabahedeni!"

99 Ngathi, "AngiMnqumi izijuqu ezintathu." Ngathi, "Rabi, kungaba yinto exakayo yini kuwe ukuba ukholwe ukuthi omunye wabaprofethi bakini wakhuluma into eyiphutha na?"

Wathi, "Abaprofethi bakithi abakhulumi lutho oluyiphutha."

Ngathi, "Wayekhuluma ngobani uIsaya 9:6 na?"

Wathi, "NguMesiya."

100 Ngathi, "Manje-ke, uMesiya uyoba nguMuntu-mProfethi. Kunjalo na?"

Wathi, "Yebo, mnumzane. Kunjalo."

101 Ngathi, "Ngikhombise lapho uJesu akugeja khona." Wathi . . . ngathi, "Budlelwane buni uMesiya-mProfethi ayoba yibo kuNkulunkulu na?"

Wathi, "Uyoba nguNkulunkulu."

Ngathi, "Kunjalo. Manje unakho eZwini."

102 Ngakho ngisize, leloJuda limi lapho nezinyembezi zehla ezihlathini zalo, lathi, "Ngizokuzwa ngesinye isikhathi kamuva."

Ngathi, "Rabi, uyakukholwa lokho na?"

103 Wayesethi, "Buka," wathi, "'UNkulunkulu angamvusela uAbrahama abantwana kulawamatshe.'" Ngangazi ukuthi wayeseTestamenteni eLisha.

Ngathi, "Kunjalo, Rabi! Manje uthini ngakho na?"

104 Wathi, "Uma ngishumayele lokho, bengiyoba sezansi lapho," niyazi indawo yawo ihlezi egqumeni lapho, "ezansi lapho emgwaqeni, nginxiba isinkwa sami."

105 Ngathi, "Ngiqoka ukuba sezansi lapho nginxiba isinkwa sami." IJuda lisalokhu izandla zalo zisemalini, niyazi. Niyabo? Niyabo? "Ngiqoka . . ." Negama lalo lisegolideni, e . . . Ngathi, "Ngiqoka ukuba sezansi lapho, ngidla amakhekhe ahhashukile anosawoti futhi ngiphuze amanzi egatsha, futhi ngazi ukuthi bengisekuzwaneni noNkulunkulu, futhi ngethembekile; kunokuba ngibe lapha negama lami kulesosakhiwo, izinhlamvu zamagama zegolide kanjalo, futhi ngazi ukuthi ngangiqhelile kuNkulunkulu. Ngiyakwazi lokho." Akabange esangilalela, ngakho wahamba wangena.

106 Kodwa yilokho-ke. Ungeke wamnquma uNkulunkulu abe yizijuqu ezimbili noma ezintathu, ezithiwa u "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele," bese wenza oNkulunkulu abathathu bese ukunika iJuda. Umthetho walo impela uthi, "Awuyikuba nabanye onkulunkulu ngaphandle kwaMi. NgiyiNkosi uNkulunkulu wakho." Wathini uJesu na? UJesu uthi, "'Yizwa, O Israyeli, NgiyiNkosi uNkulunkulu wakho, uNkulunkulu munye.'" Hhayi abathathu; awusoze wawanika lokho. Qhabo. Akukho-mprofethi oyoke akhulume ngoNkulunkulu abathathu. Qhabo. Akukho-ndawo. Awusoze wezwa ngalokho. Qhabo, mnumzane. Lokho ngubuhedeni nokwabezizwe njengoba kuvela lapho. Yebo, mnumzane.

107 Qaphelani. Kodwa lababaprofethi bayoza. Akusikho lokho kuphela . . . A—abaprofethi, manje, useSambulweni 11. Sifunde okunye kwakho. Futhi ngifuna nikufunde njengoba nifundisisa, emateyipini kanjalonjalo. Bangabaprofethi abaqinisekiswe ngokoqobo, ngesibonakaliso sabaprofethi. Khona-ke uIsrayeli uzokuzwa lokho.

108 Manje, kinina, bangani bami abangoFakazi bakaJehova, qondani manje ukuthi lezi, izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane, azihlanganise lutho noMlobokazi. Akukho nomnci umBhalo ukwesekela lokho. Qhabo, mnumzane. Azisuye. ZingamaJuda. Abakhethwa obizelwa ngaphandle ngesikhathi seminyaka yokugcina emithathu nengxenye yamasonto angamashumi ayisikhombisa kaDaniyeli. Manje lokho yi . . .

109 Ngi—ngilokhu ngiphinda ngicaphuna lokhu. Akukho kakhulu kangako kini nonke lapha, kodwa, niyabo, bantu,

lamateyipu aya ndawo zonke, niyabo. Futhi niyakuqonda lokho. Niyangizwa ngibuye ngikucaphuna. Kungokwaleyonhloso.

110 Qaphelani. Manje niyabona ukuthi baba kanjani, bephuphuthekile, niyabona ukuthi baba kanjani ne . . . Jesu, noma . . . UNkulunkulu wadingeka aphuphuthekise amaJuda, ukuwavimba ekuqondeni uJesu. Ukuba ayazi, ukuba kuphela ayekwazi lokho ukuthi . . . Ukubona isibonakaliso Asenzayo, ukuba ayekade esesigabeni sawo esifanele, njengoba ayenjalo phansi komthetho ngenkathi uNkulunkulu ewayala mayelana nabaprofethi, futhi ayembonile uJesu enza lokho, ayeyothi, "Lona nguMesiya." Kwakungani na?

111 Labo kulesosigaba, ababemagama abo ayelotshiwe eNcwadini yokuPhila yeWundlu, abaphostoli baKhe kanjalonjalo, bakubonile futhi bakuqonda.

112 Kungani bengakwazanga bonke abanye na? Niyabo, babephuphuthekisiwe. Abakwazanga ukukubona. Abakuboni, namanje. Futhi bangeke bakubone aze azalwe njengesizwe, ngesikhathi esisodwa. Lokho . . .

113 IZwi lingehluleke. Khumbulani, iZwi lingehluleke. Angikhathali ukuthi mangaki amadlingozi onawo, nokuthi konke kwenzekani, nokho leloZwi lingehluleke. Kuzoba ngayo impela indlela uNkulunkulu athi kwakuyiyo. Niyabo? Manje, siyaqonda ukuthi lezizinto zifanele zenzeke.

114 Futhi yingalesosizathu bengamqondanga uJesu ngenkathi Ezikhomba Yena ngokuphelele ukuthi ungumProfethi.

115 Ngisho nowesifazane waseSamariya omdadlana—dlana emi phandle lapho emthonjeni. Wayengakaze abe seSamariya; Wavele wenyuka nje, wathi Wanesidingo sokuhamba ngaleyondlela, futhi wenyukela lapho. Futhi kwakukhona lowo wesifazane omncane. Futhi yena, esimweni sakhe, wayesesimweni esingcono sokwemukela iVangeli kunalabobapristi bezenkolo nezinto zalolosuku. Ukwenzile. Impela. Manje, niyabo?

116 Kodwa, ebusweni bakho konke ukwenqaba kwabo, nokho enye yendoda yabo edume kakhulu yavuma ukuthi babazi ukuthi Wayengumfundisi othunywe evela kuNkulunkulu.

117 Ngangikhuluma nomunye wodokotela abakahle kunabobonke okhona ezifundazweni zangaseningizimu, eofisi lakhe, kungekudala. Udokotela oyisipesheli okahle ngempela eLouisville, indoda eyiqhawe ngempela. Ngase ngithi kuye, ngathi, "Dokotela, ngifuna ukukubuza umbuzo."

Wathi, "Kulungile."

118 Ngathi, "Ngiqaphele isayini yakho yezemithi, isitafu. Unenyoka ithandele isigxobo. Kumeleni lokho na?"

Wathi, "Angazi."

119 Ngase ngithi, "Kumele lokhu: wawuyisifanekiso sokuphilisa ngokukaNkulunkulu, lapho uMose aphakamisa khona inyoka yethusi ehlane, niyabo, okwakuyisifanekiselo kuphela, isifanekiselo kuphela sikaKristu weqiniso."

120 Manje, namhlanje, umuthi uyisifanekiselo sokuphilisa ngokukaNkulunkulu. Futhi nakuba abaningi babo bengakukholwa, odokotela abahle bangempela bayakukholwa. Kodwa abanye babo abakukholwa. Kodwa sona impela isibonakaliso abasibambayo siyafakaza eMandleni kaNkulunkulu uSomandla, noma ngabe bafuna ukukukholwa noma qha. Niyabo? Kunjalo. Nanso inyoka yethusi ilenga esigxotsheni, esifanekisweni sezemithi.

121 Manje qaphelani lamaJuda. Manje, izinkwethu zokuphuphutheka yayisemehlweni alababantu. Bona, akukho ababengakwenza; kwakulapho, futhi uNkulunkulu wakubeka lapho. Futhi alapho kuze kube ngunyaka awethenjisiwe, lababaprofethi abezayo. Ningathumela izithunywa zenkolo, ningenza noma yini enifuna ukuyenza; uIsrayeli akasoze aphenduka kuze kufike lababaprofethi enkundleni, nalokho kuyoba semva koHlwitho lweBandla labeziZwe.

122 Akuphezu kokuba unyaka wenkabi ubungemukela ubizo lwengonyama, ngokuba uNkulunkulu ushilo eZwini laKhe ukuthi kwaphuma uMoya wenkabi. Nasonyakeni wabaguquli, kwaphuma indoda. Niyabo? Uvele nje . . .

123 Yileyonto kuphela o . . . bangayemukela. Yileyo . . . Futhi, phakathi lapho manje, baphuphuthekile. Yilokho kuphela nje okukukho. Manje qaphelani.

124 Kodwa unyaka uyeza lapho abeZizwe beyoqedwa khona. Kunesihlahla, nezimpande kwakungamaJuda, futhi sanqunywa; nabeZizwe wafakelwa, "owasendle, umnqumo," futhi uthela isithelo sawo. Manje, ngenkathi lowoMlobokazi wabeZizwe enqunywa, lesosihlahla soMlobokazi engikhulume ngaso, futhi senyuselwa eBukhoneni bukaNkulunkulu; uNkulunkulu uyobakhuculula labo beZizwe abangakholwayo, ngapha eceleni (intombi elele), bese efakela futhi. Wethembisa ukukwenza.

125 Futhi kuze kube yilesosikhathi, ufanele nje wazi ukuthi kuphi . . . Uma wazi ukuthi uyaphi, awu, kulungile. Uma ungazi, ngani, ukhubeka ebumnyameni.

126 Manje, kungaleyonkathi amaJuda ayophenduka ngayo, ngalowonyaka. Manje, njengonyaka webandla, phansi kwamandla esithembiso esigcotshiweyo, ayokwemukela uKristu; kodwa, manje, hhayi ngenkathi abeZizwe besephakathi. Manje singabona ukuthi hlobo luni lomlayezo lababaprofethi ababili, beSambulo isahluko 11, abayolushumayela. Manje ningabona ngokucacile impela ukuthi bazokwenzani. Ngokuba, insali, noma izinkulungwane

eziyikhulu namashumi amane-nane, ezimiselwe ngaphambili, zemukela uPhawu lukaNkulunkulu.

127 Ake sifunde nje. Manje lalelisisani ngempela manje. Manje ngifuna nifunde kanye nami, uma ningaphumelela, ngoba ngizokhomba emuva kulokhu esikhashanyaneni nje. Isahluko 7, manje, lokhu kuphakathi koPhawu lwesiThupha nolwesiKhombisa.

> . . . emva *kwalokhu—emva kwalokhu* (leziziMpawu) . . .

128 UPhawu lwesiThupha lwaqaqwa, naleso yisikhathi sokuHlupheka. Wonke umuntu uyakuqonda lokho manje na? [Ibandla lithi, "Amen."] uPhawu lwesiThupha lwaqaqwa, nokuHlupheka kwase kukhona. Emva kwalokhu, ini na?

> . . . *emva kwalokhu ngabona izingelosi ezine zimi emagumbini amane omhlaba, zibamba imimoya emine yomhlaba, ukuze* ku*ngavunguzi* phezu *emhlabeni, naselwandle, nakowodwa umuthi.* (IziNgelosi ezine!)
>
> Ngase *ngibona enye ingelosi yenyuka empumalanga, inophawu lukaNkulunkulu ophilayo: futhi yamemeza ngezwi elikhulu kuzo izingelosi ezine, ezanikwa ukuba ziwone* ulwandle, *umhlaba . . . lwandle,*
>
> Ithi*, Ningoni umhlaba, nolwandle, nemithi,* size *sizibeke uphawu izinceku . . .*

129 Hhayi uMlobokazi. "Izinceku." Hhayi amadodana. "Izinceku." UIsrayeli ubehlala njalo eyizinceku zikaNkulunkulu. IBandla lingamadodana, niyabo, ngokuzalwa. UIsrayeli uyinceku yaKhe. Bhekisisani, yonke indawo, kuhlala njalo kunjalo. UAbrahama wayeyinceku yaKhe. Thina asisizo izinceku. Singabantwana, amadodana namadodakazi. Ya.

> . . . kwe . . . *zikaNkulunkulu wethu* ebunzini *abo*.

130 Manje bhekisisani.

> . . . *Nkulunkulu wethu* ebunzini *abo*.
>
> Ngase *ngizwa umumo wababekwa uphawu: . . .*

131 Manje ngifuna nilalelisise ekufundweni kwayo.

> . . . futhi *ababekwa uphawu izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane ezizweni zonke zabantwana bakwaIsrayeli.*

132 Ubabiza ngamagama ngokuphelele. Manje, uma kwenzeka kubakhona okwazi ukwehlukanisa ngokubona ongumIsrayeli waseBritane ehlezi lapha, lalesisani ukuthi lokhu kuwukhipha kanjani umoya ovunguzayo kukho, niyabo.

> E*sizweni sakwaJuda babekwa uphawu abayizinkulungwane eziyishumi nambili.* (Babizwa ngokuthi, "isizwe.") *Esizweni sakwaRubeni babekwa uphawu abayizinkulungwane eziyishumi nambili.*

> *Esizweni sakwaGadi . . . izinkulungwane eziyishumi nambili.*

133 Bhekisisani ezenu—bhekisisani izizwe zenu manje.

> Futhi *esizweni sakwa-Aseri ababekwa uphawu abayizinkulungwane eziyishumi nambili. . . . sizweni sakwaNafetali ababekwa uphawu babeyizinkulungwane eziyishumi nambili. . . . sizweni sa—sakwaManase . . . zinkulungwane eziyishumi nambili.*

> Futhi *sizweni sakwaSimeyoni . . . babekwa uphawu abayizinkulungwane eziyishumi nambili. Esizweni sakwa—kwaLevi ababekwa uphawu abayizinkulungwane eziyishumi nambili. Esizweni sakwaIsakare . . . yizinkulungwane eziyishumi nambili.* (Isakare, ngiyethemba nikubiza kanjalo lokho.) . . . *izinkulungwane eziyishumi nambili.*

> *. . . sizweni sakwaZabuloni . . . zinkulungwane eziyishumi nambili.* Futhi *esizweni sakwaJosefa* wa*bekwa uphawu abayizinkulungwane eziyishumi nambili. Kuzo* zonke *i . . . Esizweni sakwaBenjamini ababekwa uphawu abayizinkulungwane eziyishumi nambili.*

134 Manje, kunezizwe eziyishumi nambili, izinkulungwane eziyishumi nambili esizweni. Ishumi nambili uliphindaphinda ngeshumi nambili . . . kwenzani na? [Ibandla lithi, "Izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane."—Umhl.] Izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane. Manje bhekisisani. Bona babe, bonke, besizwe sakwaIsrayeli.

135 Manje bhekisisani, "Emva kwalokhu . . ." Manje nakhu kufika elinye iqembu. Manje, uMlobokazi usehambile, siyakwazi lokho. Kodwa bhekisisani leliqembu lenyuka.

> Emva *kwalokhu ngabona, futhi, bheka-ke, isixuku esikhulu, ebesingenakubalwa-muntu, sivela kuzo zonke izizwe, . . . mindeni, nabantu, n*o*limi, simi phambi kwesihlalo sobukhosi, naphambi kweWundlu, sembethe* i*zingubo ezinde ezimhlophe, siphethe amahlamvu esundu nge*sandla zaso*;*

> Futhi *samemeza ngezwi elikhulu, sithi, Insindiso ngekaNkulunkulu wethu ohlezi esihlalweni sobukhosi, ne*se*Wundlu.*

> Nezizwe *zonke . . . ezazimi* zizungeze *isihlalo sobukhosi, nelunga nezi*dalwa *ezine, futhi zawa phansi ngobuso phambi kwesihlalo sobukhosi, futhi zakhuleka kuNkulunkulu,*

> Zithi, *Amen:* Izibusiso, *. . . nkazimulo, . . . hlakanipha, . . . kubongwa, . . . dumo, . . . mandla, . . .*

*kunqoba, makube-*ku*Nkulunkulu wethu kuze kubephakade naphakade. Amen.*

Futhi *elinye lamalunga* . . .

136 Manje uphambi kwamalunga lapha. Njengoba, simbonile, kuzo zonke iziMpawu.

*Futhi elinye lamalunga lase liphendula, lithi kimi, Laba bangobani* . . .

137 Manje, uJohane, eyiJuda, wabaqonda abantu bakubo uqobo. Ubabone esimweni sobuzwe. Kunjalo na? Waqonda futhi wabiza ngasinye sezizwe.

138 Kodwa manje, nxa ebona lezi, uthi ukudideka. Nelunga liyakwazi, ngakho uthi:

. . . Laba *abembethe izingubo ezimhlophe bangobani na? futhi ba*velaphi na?

139 UJohane, ephendula manje:

*Ngase ngithi kulo, Nkosi, nguwe owaziyo.*

140 UJohane wayengabazi, niyabo; yonke imindeni, izilimi, nesizwe.

. . . Lase *lithi kimi, Laba yibo* . . .

. . . *lathi* kimi, *Laba yibo aba*phuma *ekuhluphekeni okukhulu,* (ngamany'amazwi, ukuHlupheka okukhulu), *futhi bahlanza izingubo zabo,* . . . *bazenza zaba-mhlophe egazini leWundlu.*

Ngakho-ke ba*phambi kwesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu, futhi bemkhonza imini nobusuku ethempelini lakhe: no* ba . . . hlezi *esihlalweni sobukhosi phakathi kwabo.*

Ka*basayikulamba,* kaba*sayikoma; kabasoze bahlatshwa yilanga—bahlatshwa yilanga, nakushisa kuni.*

Ngokuba *iWundlu elingaphakathi nesihlalo sobukhosi liyakubelusa, futhi libaholele emithonjeni ya*manzi *okuphila: noNkulunkulu uyakwesula* . . . *izinyembezi zonke emehlweni abo.*

141 Manje sivula i . . . sifika oPhawini.

Niqaphelile, babe . . . Kuqala, siqala manje, uIsrayeli.

142 Futhi manje-ke sibona ibandla elihlanjululiwe, hhayi uMlobokazi; ibandla elihlanjululiwe, ngokuHlupheka, niyabo, niyabo, lenyukela lapha, isixuku esikhulu sezinhliziyo eziqotho ngempela ezikhuphuka zivela e—ekuHluphekeni okukhulu. Hhayi iBandla; Selihambile, uMlobokazi. Nanto ibandla.

143 Manje siyathola, ngale kamuvanyana, uJesu washo ukuthi kuyobekwa isiHlalo sobukhosi, nokuthi ikanjani i . . . bayoma ekwahlulelweni, ngamunye.

144 Manje, siyathola manje ukuthi lababantu banamekwa ngoPhawu lukaNkulunkulu ophilayo (kunjalo na?), lamaJuda. Yini uPhawu lukaNkulunkulu ophilayo na?

145 Manje, angibizi-muntu, ukulimaza noma yimiphi imizwa. Ngiyasho nje, niyabo. Niyazi, lokho, ngifunda emva kweziningi izifundiswa ezinkulu ezabhala kulokhu, zisho ukuthi leliqembu lapha, eligezwe ngegazi, banguMlobokazi ngempela na?

146 Benazi yini ukuthi izifundiswa ezinengi futhi zisho ukuthi izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane nguMlobokazi na? Ini e . . . Kunento efanele ifithe phandle lapha, iphutha . . . phakathi lapha kahle, ngoba kukhona okuliphutha manje.

147 Qaphelani, abazalwane bakithi abayiAdventisti bayasho, ukuthi, "UPhawu lukaNkulunkulu, ngukugcina usuku lwesabatha." Niyakwazi lokho. Kodwa ngifuna ichashaza elilodwa lomBhalo kukho, ukukhombisa lelosabatha, noma ukugcina usuku lwesabatha, kuluPhawu lukaNkulunkulu. Niyabo? Ngumuntu nje edonsa lowomqondo.

148 Kodwa uma nizofunda kwabase-Efesu 4:30, kuthi, "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enibekwe ngaye uphawu kuze kube lusuku ni . . . lokuhlengwa kwenu," yebo, mnumzane, nxa umsebenzi wokulamulela sewenziwe, futhi niyeza; uKristu ufikela ukuhlenga abaKhe uQobo. Ubekwe uphawu; hhayi kuze kube yimvuselelo elandelayo. Uma uke wabekwa uphawu ngoMoya oNgcwele, sekungumsebenzi osuqediwe, ukuthi uNkulunkulu ukwemukele, futhi akukho ukusuka kukho.

149 Wena uthi, "Awu, ngnganginaWo, ngase ngisuka." Qhabo, wa—wawungenaWo.

150 UNkulunkulu wathi Uqhubekela oSukwini lokuHlengwa. Manje, ehhe, uphikisana naYe nje, bese ubona ukuthi kuchaza ukuthini. "Kuze kube luSuku lokuHlengwa kwenu."

151 Qaphelani. Njengoba kwakukhona . . . Njengoba babeyinsali ngokokhetho, lamaJuda manje ayinsali ngokokhetho. Ngezinsuku zenkonzo yokuqala kaElija kumaJuda, lapho izinkulungwane eziyisikhombisa zamakholwa zaqheliswa yisandla sikaNkulunkulu, manje kukhona kulesisikhathi sensali, kuza esikhathini sawo, ukuba abe yizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane ngokokhetho. Lokho, uMlayezo ngalesosikhathi, ukukholwa uMlayezo, kube yizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane.

152 Manje, wena uthi, "O, manje umzuzu nje, mfowethu, angazi ngalento yo'khetho.' Awu, angizange ngikufunde lapho."

153 Kulungile, manje ake sibone ukuthi kuqinisile yini, noma qha. Asiphenye emuva kuMathewu, futhi sehlele lapha bese

sithola ukuthi singeyithole yini into ethize encane kulokhu ndawondawo. Ngiyakholwa manje ngiqinisile. Anginakho kubhalwe phansi lapha, kodwa nje kufika emqondweni wami. Asithathe, ekupheleni, ivesi 30; lapho esiye khona izolo ebusuku, ukuphela koPhawu lwesiThupha, evesini 30. Manje asifunde lokho bese sibona manje ukuthi sifikaphi, ivesi 31. Niyabo? "Bayobona iNdodana yomuntu iza ngenkazimulo." Manje ivesi 31.

> *Futhi iyakuthuma izingelosi zayo ngokukhala okukhulu kwecilongo, futhi ziqoqe abakhethiweyo bayo emimoyeni yomine, kusukela emkhawulweni omunye wezulu kuze kube komunye.*

154 Aba "khethiweyo" bayophuma. Kuyini na? Nesikhathi sokuHlupheka. UNkulunkulu uyobiza abakhethiweyo baKhe, nalokho ngamaJuda ngalesosikhathi, abakhethiweyo. IBhayibheli likhuluma ngakho. UPawulu ukhuluma ngakho, "Ngokokhetho." Kuyoba nezinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane ngokokhetho, eziyokholwa uMlayezo, ezigidini ngempela eziyoba lapho.

155 Kwakunezigidi ePalastine, ngalezozinsuku zesiprofetho sikaElija, nezinkulungwane eziyisikhombisa zasindiswa ezigidini.

156 Manje, "ngokokhetho." Lapho, izigidi zamaJuda ziqoqana ezweni lendabuko. Sekuba yisizwe. Kuyoba nezigidi phakathi lapho, kodwa yizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane kuphela "abakhethiweyo" abayothathwa. Bayowuzwa uMlayezo.

157 Into efanayo okuyiyo eBandleni labeZizwe. Kukhona uMlobokazi, futhi Ukhethiwe. "Futhi uyobizwa ngokokhetho." Qaphelani, lokhu konke kufanekisa iBandla, ngokuphelele, amakholwa akhethiweyo.

158 Abanye abakholwa. Ungakusho nje. Tshela umuntu iQiniso, futhi lifakazelwe yiZwi, bese kuthi-ke liqinisekiswe; uthi, "AngiLikholwa." Ungavele nje . . .

159 Ningabe nisalulazwa yikho. UJesu wathi ningakwenzi. Wathi, "Kufana nokuphonsa iparele phambi kwezingulube." Niyabo? Wathi, "Bayekeni kanjalo nje. Bayojika banigxobe phansi kwezinyawo zabo. Bayohlekisa ngani. Sukani nihambe nje futhi nibashiye. 'Uma impumputhe ihola impumputhe . . .'"

160 Ngaya kumuntu, kungekudala; ufika kimi, njalo. Wayekade ephikisana, macala onke, ndawo zonke, ephikisana nokuphilisa kukaNkulunkulu. Futhi uyakhuphuka, wayesethi, "Angikukholwa ukuphilisa kwakho kukaNkulunkulu."

161 Ngathi, "Okwami, ngiqagele, bekungesize, ngoba anginakho." Futhi u . . . Ngathi, "Kodwa uNkulunkulu uphelele."

Wathi, "Ayikho into enjalo."

162 Ngathi, "Usuleyithi kakhulu ukuba usho lokho, bhuti. Ya, sewu—sewulinde isikhathi eside ngalokho. Ungahle ukuba uphikisene, eminyakeni embalwa edlule, kodwa kunomunye unyaka okhona manje. Kunezigidi ezifakazayo, niyabo." Ngathi, "Usu—usuleyithi kakhulu manje, mfo, ukuba usho lokho."

163 Wathi, wathi, "Awu, angikukholwa; angikhathali ukuthi wenzani."

Ngathi, "Impela qha. Ungeke." Uyabo?

164 Wathi, "Ngishaye ngobumpumputhe!" Wathi, "Uma unoMoya oNgcwele ngempela, njengoPawulu," wathi, "ngishaye ngobumpumputhe."

165 Ngathi, "Ngingakwenza kanjani kanti usuvele uyimpumputhe na?" Ngathi, "Uyihlo ukuphuphuthekisile eQinisweni." Ngathi, "Wena, usuvele uphuphuthekile."

166 Wayesethi, "Ngingekholwe; angikhathali ukuthi ubungenzani, ukuthi ubufakazi obungakanani obubonakalayo ongabufakazisa, kumbe noma yini enjalo. Ngisalokhu ngingakukholwa."

167 Ngathi, "Impela. Kwakungesikho okwabangakholwayo. Kwakungokwamakholwa kuphela. Yilokho-ke." Niyabo?

168 Kwakuyini na? Niyabo, uyazi ngayo leyonkathi-ke, ukhetho lusukile. Nje ungazilulazi ngalo, nhlobo. UJesu wenza into efanayo, Wathi, "Bayekeni. Uma impumputhe ihola impumputhe, aziyikuwela zonke emgodini na?"

169 Kodwa ngenkathi Efika esifebeni esincane, [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe kanye—Umhl.] kwashaya umlilo! Kwakuyini na? Kwakuyimbewu ekhethiweyo ilele lapho, niyabo, leyo iLibonile khona manje. Ngenkathi Lifika kuPetru, kwakukhona imbewu ekhethiweyo ilele lapho, niyabo, futhi baLibona. "Futhi konke uBaba akuphile, aku" (inkathi edlule) "Ngiphe khona, bayoza. Bayokuza kiMi." O, he! Ngiyakuthanda lokho! Yebo, mnumzane. Qaphelani, abakholwayo uyaLikholwa.

170 Abangakholwa bangeLikholwe. Ngakho, manje, uma noma ubani efuna ukuphikisana ngenzalo yenyoka enobuqili nezinto, futhi uzama ukubakhombisa, abayikuLilalela; suka uhambe nje. Bayeke nje. Uyabo, uNkulunkulu akaphikisani, kanjalo nabantwana baKhe akakwenzi.

171 Qaphelani, amaJuda kaNkulunkulu akhethiweyo ayizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane awasikhothameli isilo, ubuhlelo baso, noma izithombe ezibazwe ngamatshe, kumbe noma yini, nakuba isizwe sawo sisesivumelwaneni nakho ngesikhathi. UIsrayeli usesivumelwaneni, kodwa nazi izinkulungwane eziyikhulu

namashumi amane-nane ezingezukukwenza. Lowo ngabakhethiweyo.

172 Into efanayo okuyiyo khona lapha eBandleni labeZizwe manje, yiqembu elikhethiwe. Ungeke wabadonsa kulolohlobo lwento. Abayikukukholwa. Qhabo, mnumzane. Uma ukuKhanya kuke kwabashaya, lokho kukuxazulula ngayo leyonkathi. Babona i . . . bakubona kwenzeka, bese-ke bekubona kuqinisekiswa futhi kufakaziswa kanjalo. Futhi babuka phansi lapha eBhayibhelini, balibone leloZwi lihamba nje. Awu, ungahle nje—ungavele nje uyeke nje ukuzilulaza ngabo, ngoba bayaLikholwa. Yilokho. Yilokho. Nakuba bengenakuLichaza, kodwa bayazi ukuthi banaLo. Ngakho, njengoba ngisho, kunenqwaba yezinto engingezichaze, kodwa ngi—ngiyazi kungokwangempela empeleni. Ehhe. Kulungile.

173 Lesisikhathi sasiphakathi koPhawu lwesiThupha nolwesiKhombisa, ukuthi Ubiza lababantu, okwakhulunywa ngabo nguJesu kuMathewu isahluko 24 nevesi 31, esisanda kulifunda nje, niyabo. Amacilongo lapha, ofakazi ababili be . . . Ngenkathi icilongo likhala, yicilongo lofakazi ababili bonyaka womusa wamaJuda. Kukhala icilongo elilodwa, niyaqaphela, kukhala icilongo elilodwa. Wathi, “Futhi kukhaliswe icilongo.” Manje qaphelani ngapha, elama 31.

> *Futhi iyakuthuma izingelosi zayo* (hhayi eyodwa, niyabo; zimbili) *ngokukhala okukhulu kwecilongo,* . . .

174 Kuyini na? Nxa uNkulunkulu elungiselela ukukhuluma, kunokukhala kwecilongo. Lelo yiPhimbo laKhe njalo. Libizela empini, niyabo. UNkulunkulu uyakhuluma. Lezizingelosi ziyophuma ngokukhala kwecilongo.

175 Futhi naqaphela, eMlayezweni wengelosi yokugcina, icilongo liyakhala. Umlayezo wengelosi yokuqala, kukhala icilongo; elengelosi yesibili, kwakhala icilongo, ngenkathi Elithuma. Qaphelani, kodwa ngenkathi kumenyezelwa iziMpawu, bonke babekweyodwa enkulu, into yobuNkulunkulu, ukubizela ngaphandle iqembu labantu; kwakukhona okukodwa ukukhala kwecilongo, neziMpawu eziyisiKhombisa zephulwa.

176 Qaphelani, “Ziqoqe amaJuda akhethiweyo aKhe ezingxenyeni ezine zamazulu.”

177 Waphatha iziMpawu eziyisithupha, njengoba sibonile, kodwa hhayi uPhawu lwesiKhombisa. Akaze asho lutho phakathi lapha mayelana noPhawu lwesiKhombisa, akukhondawo.

178 Niyabo, khona manjalo, ivesi 32, liba yimifanekiso, yesikhathi sokubizwa kwamaJuda akhethiweyo. Manje bhekisisani lapha, niyabo.

179 “Futhi Uyothumela izingelosi necilongo, futhi ziqoqe abakhethiweyo emagumbini omane amazulu.” Manje Uqala . . .

180 Niyabo, Akasho lutho ngoPhawu lwesiKhombisa lapha. Niyabo? Wakhuluma ngoPhawu lwesiThupha; olokuQala, olwesiBili, olwesiThathu, olweSine, olwesiHlanu, nolwesiThupha.

181 Kodwa qaphelani:

> *Manje fundani umfanekiso emkhiwaneni; Nxa* amagatsha *alo selithamba, lihlume amaqabunga,* ni*yazi ukuthi ihlobo selisondele:*
>
> *Kanjalo nani, nxa niyobona konke lokhu, yazini ukuthi iseduze, ngase*mnyango.

182 Lowo wokugcina, lowombuzo abaMbuza wona, "Futhi siyakuba yini isibonakaliso sokuphela kwezwe na?"

183 "Nxa nibona lamaJuda . . . Nxa nibona lezi ezinye izinto zenzeka, niyazi ukuthi kwenzekani. Manje, uma nibona lamaJuda . . ." Ekhuluma namaJuda! Manje bhekisisani. Ukhuluma nasiphi isixuku, abeZizwe na? AmaJuda! AmaJuda! Niyabo?

184 Manje Wathi, "Niyakuzondwa yizizwe zonke ngenxa yeGama laMi," kanjalonjalo, kanjalo.

185 Manje, "Nxa," Wathi, "niyawabona lamaJuda aqala ukuhluma imiqumbe yawo ngaleya," nxa lowoIsrayeli eqala ukubuyela emuva, engena ezweni lakhe. Nxa efika lapho, (iBandla selilungele uHlwitho), kukhona kuphela iminyaka emithathu nengxenye esele kuze kube sekupheleni kwezwe elidala, futhi uphumela enxushunxushwini, futhi kungena isikhathi seminyaka eyiNkulungwane, emhlabeni omusha—omusha. Wathi, "Ngisho nasemnyango!" Manje, iminyaka eyinkulungwane emhlabeni wusuku olulodwa kuNkulunkulu. Neminyaka emithathu nengxenye, bekungayaphi na? Imizuzwana engaka, esikhathini sikaNkulunkulu. Yingalesosizathu Athi, "Sesisemnyango."

> Ngiqinisile *ngithi kini,* ukuthi, *Lesisizukulwane asiyiku*qothulwa, siqedwe, lababantu, kuze *konke lokhu o* . . .

186 Ini, yini engayikuqedwa na? Bazamile ukubulala iJuda, balisuse emhlabeni, sonke isikhathi. Abasoze bakwazi ukukwenza.

187 Kodwa qaphelani. Sona impela isizukulwane samaJuda esibone ukubuya, abuyele ePalastine, lesosizukulwane sasiyobona lezizinto zenzeka. Futhi nje iminyaka emibili yokugcina, wayesebe yisizwe ngokugcwele, enemali yakhe uqobo nanokunye. Nango.

188 Manje sikuphi, mngani na? IziMpawu nayo yonke into ivuleka; manje sithola lokhu maphakathi lapha. Nanso. Niyabona ukuthi sihlezi kuphi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

189 Ngithemba ukuthi niyaLuthola. Anginamfundo. Ngiyazi ukuthi ngikhuluma ngani, kodwa mhlawumbe ngeke ngachaza—ngaLuchaza, ukuba kuzwakale kunomqondo kini. Kodwa ngithemba ukuthi uNkulunkulu uthatha amaZwi elixutshiwe, bese ewahlukanisa kahle, niyabo, bese enazisa ukuthi Luyini. Isizathu, khona, sisemnyango. Silapha esikhathini. Manje qaphelani.

190 Niyabo, khona nje manje, Uphendukela kumaJuda, nase—sesikhathini sokuphela. Uyasho ukuthi kuzokwenzekani. Siyazi ngisho nalokho manje . . . Siyazi, sazi kahle kamhlophe, ukuthi izizwe zihlakazekile. Kade zinjalo, iminyaka engamakhulu angamashumi amabili-nanhlanu eyadlula. Zaprofethwa ukuthi ziyohlakazekela emimoyeni emine. Benikwazi lokho na? Siyakwazi lokho.

191 Kusobala, asizukudinga ukuba sibuyele emuva futhi sithole, sicoshe lokho, ngoba nginenye into lapha esemqoka ngempela engifuna niyibone, ngaphambi kokuba nikhathale kakhulu, nami ngikhandleke.

192 Qaphelani. Siyazi, ngisho zonke izizwe, ezingokulandelana kwezehlakalo, kumbe noma ngabe yini enifuna ukukubiza ngakho, noma ukwakheka komhlaba, noma izimo zezikhundla zezizwe, azisendawonye. Zihlakazekile, ndawo zonke.

193 AmaJuda, aqoqanela eJerusalema, akusikho . . . Awazazi ngisho nezizwe zawo. Awasenawo ngisho namaflege ezizwe kumbe noma yini. Akwaziyo kuphela, manje-ke, ukuthi angamaJuda. Aprofethwa ukuthi ayoba ngaleyondlela, umhlaba jikelele. Manje, amabhuku azo libhujisiwe. Awazi.

Wena uthi, "Wena ungowasiphi isizwe na?"

"Angazi."

"Sizwe sini na?"

"Angazi."

194 Esisodwa esivela kwaBenjamini, esinye esivela ku*lesi,* nesinye sivela ku*leso*. Abazi ukuthi bangabakuphi. Amabhuku abo libhujisiwe, ezimpini, futhi iminyaka engamakhulu angamashumi amabili-nanhlanu. Into kuphela ayaziyo, ukuthi angamaJuda. Yilokho kuphela. Ngakho, ayazi ukuthi asebuyele ekhaya lawo lendabuko. Asa . . . Qaphelani, nakuba engazazi izizwe zawo, kodwa uNkulunkulu uyazazi.

195 Ngiyakuthanda nje lokho! Niyazi, Washo ngisho nokuthi kukhona i . . . "Zonke izinwele ekhanda lakho lubaliwe." Mm! Qaphelani, Akalahlekelwa yilutho. "Ngiyakubuye ngikuvuse ngomhla wokuphela."

196 Nakuba elahlekelwe ngamaflege ezizwe zawo—zawo—zawo, nokuthi omunye uyisona *siphi,* nokuthi ngabe ayi*lesi* noma *leso;* awazi noma angesakwaBenjamini, kumbe noma

ngabe angesakwaRubeni, noma—noma esakwaIsakare, noma angawasiphi. Kodwa, empeleni, uNkulunkulu uyawabiza lapha.

197 Manje qaphelani, eSambulweni 7, sifunda lokhu. "Izinkulungwane eziyishumi nambili" esizweni ngasinye, sabakhethiweyo, kukho konke okwaso. Kunezinkulungwane eziyishumi nambili esizweni ngasinye, lowo ngabakhethiweyo, futhi zibekwe khona lapha ngohlelo. O, he! Ayini na? Ahlelwe ngokwezizwe. Nokho, awasizo manje, kodwa ayoba yizo. Ahlelwe ngokwezizwe. Yini eyoba sohlelweni ngokwezizwe na? Hhayi iJuda elejwayelekile, qhabo. Kodwa labo okhethiweyo, izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane, ayobekwa ngokuhleleka ngokobuzwe. O, he!

198 Ngingathanda kanjani ukunikhombisa! Asizukungena kukho. Kodwa yilokho impela iBandla elizofanele libe yikho, ehhe, ngokohlelo impela.

199 Manje ngifuna nibhekisise ngokusondele ngempela futhi nifunde nami, umzuzu. Manje nansi into mhlawumbe eningakaze niyiqaphele eku—kubizweni kwesizwe. Nginitshelile, esikhashaneni esedlule, ukuba nifunde iSambulo 7. Fundani nami, bese nibhekisisa lezozizwe. ESambulweni 7, uDani noEfrayimi abekho futhi ababaliwe nazo. Nikuqaphelile lokho na? UJosefa noLevi babebanjelwe endaweni yabo. Nikuqaphelile lokho na? UDani noEfrayimi akekho lapho. Qhabo, mnumzane. Kodwa, uJosefa noLevi babebanjelwe endaweni ka—ka—kaDani noEfrayimi.

200 Ngani na? Ba. . . UNkulunkulu ohlale ekhumbula njalo ukhumbula zonke izithembiso zeZwi laKhe. O, ngithanda ukushumayela ngalokho. Niyabo? UNkulunkulu akakhohlwa lutho, nakuba kubukeka kanjalo.

201 Njengoba Atshela uMose. UIsrayeli wayekade esezansi lapho, "iminyaka engamakhulu amane." Babefanele bakhuphuke ngalesosikhathi. Watshela uAbrahama, "Nenzalo yakhe iyobe igogobala ezweni labezizwe iminyaka engamakhulu amane, Uyobe-ke esebakhipha ngesandla esinamandla." Kodwa-ke Wathi kuMose, "Ngisikhumbulile isithembiso saMi, futhi ngehlile ukwenza kube kuhle eNgikushilo."

202 UNkulunkulu akakhohlwa. Akazikhohlwa iziqalekiso zaKhe, kanjalo Akazikhohlwa izibusiso zaKhe. Kodwa, zonke izithembiso Azenza, Uhlala nakho.

203 Nakhu ukuthi kungani babengekho, manje, uma nibhekisisa. Manje fundani. Ngifuna nifunde nami manje. Yanini ngale kuDuteronomi, amashumi amabili-. . . ivesi 29 lapho, noma isahluko 29, njalo. Kunesizathu salezizizwe ukuba zingabikho lapho. Yonke into inesizathu sayo. UDuteronomi, sifuna ukuthatha i—isahluko 29 sikaDuteronomi. Manje, iNkosi isisize kakhulu, ukuba sikwazi ukuqonda manje. Manje sifuna ukuqala

kuDuteronomi, isahluko 29, evesini 16. Manje lalelani. UMose ekhuluma.

> *(Ngokuba* nina *niyazi ukuthi sahlala ezweni laseGibhithe; nokuthi sedlula phakathi kwezizwe* e*sadabula kuzo;*
>
> Futhi *nizibonile izinengiso, nezithombe zazo, imithi . . . matshe, isiliva . . . golide, okwakuphakathi kwazo:)*

204 Wonke umuntu wayethwele into ethize noma enye, isithombe esincane esiqoshiwe sikaCecilia oNgcwele. Niyazi, into enjengaleyo, niyabo. "Funa ngakho-ke . . . " Lalelani.

> Funa *kube-khona phakathi kwenu* i*ndoda, . . . umfazi, noma* u*mndeni, noma* i*sizwe, esinhliziyo yaso ifulathela namuhla iNkosi uNkulunkulu wethu, ukuyokhonza onkulunkulu balezizizwe; funa kube-khona phakathi kwenu impande ethela inyongo nomhlonyane;*
>
> Futhi *kuze kuthi, lapho ezwa amazwi alokhu ukuqalekisa, a—azibusise enhliziyweni yakhe,* futhi athi*, Ngi . . . nokuthula, noma ngihamba ngemicabango yenhliziyo yami* uqobo*, . . .*

205 Niyabo, abantu bathi, "O, uyazibusisa." Niyazi, benza isiphambano esincane noma into ethize, njengoba benza manje, niyabo; into efanayo, niyabo. Futhi niyabona kulukhondolo lwabahedeni, niyabo, a—abahedeni.

> . . . uyaz*i*busisa *enhliziyweni yakhe* uqobo*, . . . umcabango* yakhe uqobo emqondweni wakhe uqobo, *ukwelekela ukudakwa ekomeni:*

206 "Phuza nje, lokho akwenzi mehluko; inqobo nje uma uya esontweni, uzoba kahle."

> Khona-ke *iNkosi ayiyikumthethelela, kepha intukuthelo yeNkosi . . . mhawu wayo kuyakumvuthela lowomuntu, kuze kuthi zonke iziqalekiso ezilotshwe kulencwadi* ("Ungasusi nelilodwa iZwi kuYo, noma wenezele kuYo," niyabo.) *ziyakuba phezu kwakhe, neNkosi iyakulesula* elakhe *. . . lesula igama lakhe phansi kwezulu.*

207 Lokho kungukuthi kungenkathi eselapha emhlabeni, niyabo, "phansi kwezulu."

> *Futhi iNkosi iyakumahlukanisela ububi kuzo izizwe zakwaIsrayeli, nge*siqalekiso *zonke zesivumelwano* esi*lotshwe kulencwadi yomthetho:*

208 Ngakho-ke, "Uma umuntu eyakukhonza isithombe, noma agcine isithombe kuye, noma azibusise emicabangweni yakhe uqobo yengqondo yakhe, futhi akhonze izithombe," uNkulunkulu wathi, "indoda, umfazi, umndeni, noma isizwe,

igama lakhe liyakwesulwa ngokuphelele, phakathi kwabantu." Manje, kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kuqinisile ngempela kanjani pho!

209 Ukukhonza izithombe kwenza into efanayo ebandleni, eminyakeni eyadlula, futhi kuyayenza namhlanje. Futhi ngiyaqaphela. . .Bhekisisani ukuthi umphikukristu wazama kanjani ukwenza umnyakazo ophikisanayo. Bangaki owaziyo ukuthi udeveli ufanekisa futhi enze iphethini emva—emva kwabangcwele bakaNkulunkulu na?

210 Yini i—yini isono na? Yinto efanele iphendukezelwe. Yini amanga na? Yiqiniso liphendukezelwe. Yini ukuphinga na? Yisenzo esifanele, isenzo sangokomthetho, senziwa ngokungafanele. Niyabo?

211 Manje, ekuzameni ukwenza lokhu, "ukwesula igama," niqaphelile onyakeni webandla, isilo esifanayo esasikhonza imifanekiso yabantu abafile, kanjalonjalo, bazama ukwesula iGama leNkosi uJesu Kristu, futhi banikeza iziqu njengoYise, iNdodana, noMoya oNgcwele. Into efanayo, nalesosiqalekiso singemva kwakho, kanjalo.

212 UDani noEfrayimi benza lokho nje, phansi kokuzenzisa kwenkosi kwaIsrayeli, umkhohlisi, uJerobowamu. Manje, qaphelani, kumaKhosi okuQala isahluko 12. Ngiyazi si. . .Lokhu, kimi, ku—ku—kubeka isendlalelo kulokho esingethembela kukho, esikubonayo. AmaKhosi okuQala, ngifuna ukuya esahlukweni 12, ivesi 25 kuya kwelama 30.

> Ngalesosikhathi *uJerobowamu. . .Shekemi entabeni yakwaEfrayimi, wahlala* khona; *futhi waphuma* wangena*. . .futhi wakha iPhenuweli.*
>
> Futhi manje *uJerobowamu wathi* ku*. . .e—enhliziyweni yakhe,* (niyabo, imicabango yenhliziyo yakhe)*, Manje umbuso uyaku*phendulelwa *endlini kaDavide:*

213 Wayesaba, niyabo, ngoba abantu bengahle baphume.

> Uma *lababantu benyuka uku. . .nikela ngemihlatshelo endlini yeNkosi eJerusalema, inhliziyo yalababantu* iphindele *enkosini, ngisho* ku*Rehobowamu inkosi yakwaJuda, bayakungibulala mina, baye. . .* ku*Rehobowamu—Rehobowamu inkosi yakwaJuda.*
>
> *Inkosi* isi*thathe isiluleko, futhi yenza amathole amabili egolide, futhi yathi kubo, Sekwanele ukuba nikhuphukele eJerusalema: bheka onkulunkulu* bakho*, O Israyeli, abaku. . .ezweni laseGibhithe.*
>
> Futhi *wabeka elinye eBethele, nelinye walibeka kwaDani.*
>
> *Futhi lento* iba *yisono: ngokuba abantu baya phambili ukukhonza kwelinye, nakwaDani.*

214 Niyabo, uEfrayimi eBethele, nakwaDani, base bemisa izithombe. Nalaba baphuma ukuyokhonza lokhu.

215 Nakhu lapho esikhona, kuze kuyothi ngqu onyakeni wesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, cishe impela, futhi uNkulunkulu usalokhu esikhumbula lesosono. Ababaliwe ngisho naphakathi lapho. Heyi! Udumo! [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kanye—Umhl.] Kuqiniseke impela nje njengoba Ekhumbula zonke izithembiso ezinhle, Ubukhumbula bonke ububi, futhi. Khumbulani nje, ngenkathi . . .

216 Yingalesosizathu ngikholwa, bangani, bengizama njalo ukuhlala naleloZwi, kungenandaba ukuthi Libukeka lixakile kangakanani.

217 Niyabo, manje, babengenakucabanga ngalokho lapho ngaleyonkathi. Abacabanganga ngakho ngaleyonkathi. Bacabanga, "Awu, bazedlulela nakho." Kulungile.

218 Kodwa bangapha onyakeni wesikhathi seminyaka eyiNkulungwane ingena, lapho amagama abo nezizwe "kwesulwa" kuyo, ngoba bakhonza okwezithombe, uNkulunkulu akuqalekisayo.

219 Akashongo yini ukuthi Wawa "zonda" amaNikolawu nalowoJezibele na? Dedani kukho. Akashongo yini ukuthi Uyobulala amadodakazi kaJezibele ngokubulala ko "kufa," okungukwehlukana kwaPhakade eBukhoneni baKhe na? Ningakwethembi, nhlobo. Dedani kukho. Ngakho, uNkulunkulu uyakhumbula. Qaphelani.

220 Kodwa niqaphelile lapho, lalizo "kwesulwa"? Ngani na? Phansi kweZulu kwakungekho-Mhlatshelo wamasinya owawungamnika uMoya oNgcwele, umvumele abone lezizinto. Kodwa wakwenza, empeleni, ngengqondo yakhe uqobo yobugovu.

221 Kodwa, uHezekeli, embonweni wakhe, esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, uyababona futhi ngokuhleleka okuphelele. UHezekeli, uma benifuna ukukufunda. Kubhaleni phansi nje, futhi ningakufunda, ukonga isikhathi. UHezekeli 48:1 kuya kwele 7, futhi nifunde ama 23 kuya ema 29. UHezekeli ubone zonke izizwe zingokuhlelekile impela nje. Kulungile.

222 Kanti, futhi, eSambulweni 14, uJohane uwabonile futhi ngokohlelo lwezizwe, kunjalo, sonke isizwe endaweni yaso. Kwenzekani na?

223 Niyakhumbula, Wathi, "Phansi kwamazulu, ukuthi igama lakhe lalizokwesulwa odabeni lwesizwe." Inqobo nje uma wayesephansi kwamazulu, lalingeke lisabakhona. Nalezizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane ziphansi lapha engxenyeni yesizwe, namanje. Kunjalo. Kodwa, niyabo, ayephuphuthekisiwe. Ayenemihlatshelo kuphela

yezinkunzi nezimbuzi. Niyabo? Manje qaphelani, Wawesula, "phansi kwezulu."

224 Kodwa abeZizwe, ngezinsuku zikaMoya oNgcwele, ngokumelana naLokho; igama lakho lasuswa ngokuphelele eNcwadini yokuPhila, "futhi ungasoze waba nokuthethelelwa, kulelizwe noma izwe elizayo." Kunjalo na? Ngakho yilapho esimi khona.

225 UIsrayeli, phansi kwezimbuzi, izimvu, a—ayenendawo. Inqobo nje uma ayesesemhlabeni lapha, izizwe zawo sasingekho. Ayengeke neze afakwa. Manje, konke . . . Ngenkathi Ewabiza, laphaya, izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane, ayengekho. Kunjalo. Awabaliwe ngisho naphakathi lapho. NoJosefa noLevi ubekwa endaweni kaDani noEfrayimi. Manje ningakubuka lokho. Kukhona khona lapho, phambi kwenu, niyabo. Futhi nasi isithembiso sikaNkulunkulu, le emuva lapho, iminyaka engamakhulu ngamakhulu ngaphambi kwalokho. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kaningana—Umhl.]

226 Manje, kwenzekani na? Bahlanjululwa ngesikhathi sesikhathi sokuHlupheka okwesabekayo.

227 Manje, uma uNkulunkulu ezohlambulula leyo—leyontombi, lowo kwakungowesifazane olungileyo, kodwa nje wehluleka ukuthola amafutha esibanini sakhe, futhi Uzomhlambulula ngokuhlushwa phakathi lapho. Ufaka lezozizwe phakathi lapho ngqo, ngento efanayo, futhi yabahlambulula ngesikhathi sesikhathi sokuHlupheka. Ngoba, nguku—kuhlanjululwa. Ngukwahlulelwa. Kodwa, niyabo, ba, emva . . . Futhi, bukani lapha, nakhu kwenyuka izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane, emva kokuhlanjululwa kukaIsrayeli. Futhi nakhu kwenyuka futhi intombi elele, yenyuka, ihlanjululwa, futhi yembethe izingubo ezinde ezimhlophe. Niyabo? Kuphelele kanjani nje! Kuhle kanjani nje lokho!

228 NjengoJakobe nje, ngesikhathi sokuhlupheka, niyabo. Ba . . . uJakobe, ngesikhathi sokuhlupheka. Wayenze okungalungile. Kodwa wedlula esikhathini sokuhlanjululwa ngoba wayenze okungalungile kumfowabo, uEsawu. Niyabo? Wakhohlisa, ukuba athole ubuzibulo bakhe. Kodwa wedlula ekuhlanjululweni ngaphambi kokuba igama lakhe lishintshe lisuka ekubeni nguJakobe libe nguIsrayeli, okungumfanekiso wohlelo lukaNkulunkulu, lufanekiswe namhlanje.

229 Manje, sizophenya manje evesini 8 le . . . noma ivesi 1, ngiqonde lokho, lesahluko 8; seSambulo 8:1.

230 Ngiyazi nikhathele. Kodwa, manje, zamani nje ukulalela imizuzu embalwa manje. Futhi, uNkulunkulu weZulu akasisize, ngumkhuleko wami.

231 Sifanele sikhumbule ukuthi loluPhawu lwesiKhombisa lungukuphela kwesikhathi, sazo zonke izinto. Kunjalo. Izinto

ezilotshwe eNcwadini yoPhawu lwesiKhombisa, zavalwa ngci ngophawu, ngecebo lokuhlengwa kusukela ngaphambi kokusekelwa kwezwe, kuphela konke nokunci. Kungukuphela; kungukuphela kwezwe elizabalazayo. Kungukuphela kwemvelo ezabalazayo. Kungukuphela kwezinto zonke. Phakathi lapho, kungukuphela kwamaCilongo. Kungukuphela kweZitsha. Kungukuphela komhlaba. Kuyi . . . Kungukuphela ngisho kwesikhathi.

232 Isikhathi siyaphela. IBhayibheli lasho njalo. UMathewu, isahluko 7 . . . ngiqonde, iSambulo, i 7 cha- . . . isahluko 10 ne . . . evesi 1 kuya kwele 7. Isikhathi siyaphela. INgelosi yathi, "Akusayikubakho isikhathi," ngenkathi lokho, ngezinsuku zalento enkulu ukuba yenzeke.

233 Yonke into iyaphela, ngalesisikhathi, ukuphela kwe—kwe . . . ekupheleni kwaloluPhawu lwesiKhombisa. Qaphelani. Ngukuphela konyaka webandla. Nguku—kuphela koPhawu lwesiKhombisa. Ngukuphela kwamaCilongo. Ngukuphela kweZitsha, futhi ngisho kuqeda nokungeniswa kwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Lokho kusoPhawini lwesiKhombisa.

234 Kufana nje nokudubula umcibisholo irokhethi emoyeni. Nalomcibisholo irokhethi uqhuma *lapha,* bese-ke uyenyuka bese uqhuma futhi. Uveza izinkanyezi ezinhlanu. Enye yalezozinkanyezi iqhume bese isakaza izinkanyezi ezinhlanu kuyo; bese kuthi-ke enye yalezozinkanyezi iqhume bese isakaza izinkanyezi ezinhlanu kuyo. Niyabo, iphuma ifiphale.

235 Lokho ngukuthi, ini, uPhawu lwesiKhombisa. Luqeda nje isikhathi sezwe. Luqeda isikhathi sa*lokhu*. Luqeda isikhathi sa*lokho*. Luqeda isikhathi sa*lokhu*. Luqeda isikhathi. Yonke into yaphelela nje kuloloPhawu lwesiKhombisa.

236 Manje, Uzokwenza kanjani na? Yilokho esingakwazi. Akunjalo na? Asazi.

237 Kuyisikhathi ngisho sazo zonke lezizinto, nokungeniswa kwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane.

238 Qaphelani, ukwephulwa kwaloluPhawu kwakukukhulu kakhulu, ngangokuthi, iZulu lathuliswa yiLo, "ngokuthula, inxenye yehora." Manje, ngabe Lukhulu! Luyini na? Kwathula, amaZulu. Kwakungekho-nto eyanyakazayo, inxenye yehora.

239 Manje, inxenye yehora ingahle ingabi yinde uma unesikhathi esimnandi. Kodwa, ekuhlaleleni ovalweni kwaphakathi kokufa nokuPhila, kwakubonakala kunjengesikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Lwalulukhulu kakhulu!

UJesu akazange aLuphathe. Akukho namunye wabo.

240 UJohane akakwazanga ngisho nokuLuloba. Qhabo, wenqatshelwa ukuloba *lapha*. [UMfowethu Branham

umbambatha iBhayibheli lakhe kabili—Umhl.] Niyabo, kukhona nje i . . . nje . . . AkaLulobanga, kodwa lokhu ngukuthula.

241 Futhi amalunga angamashumi amabili nane ama phambi kukaNkulunkulu, Lapho, eshaya ngamahabhu awo; ayeka ukudlala amahabhu awo.

IziNgelosi zathula ukuhlabelela kwaZo, eZulwini.

242 Cabangani! AmaKherubi angcwele namaSefari, uIsaya aLibonayo ethempelini, linesethi eyisithupha . . . noma amasethi amathathu amaphiko. Thathu . . . Amabili phezu limboze ubuso baLo, ngamabili limboze izinyawo zaLo, futhi lindiza. Futhi imini nobusuku, Aphambi kukaNkulunkulu, ehlabelela, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, iNkosi uNkulunkulu uSomandla!" Futhi ngisho nangenkathi Engena, noma ezongena ethempelini, izinsika zethempeli zazamazama, ngobukhona baWo—baWo.

243 NalamaSerafi angcwele athula du. Izingelosi zayeka ukuhlabelela. Ehhe. Whewu! Endiza eBukhoneni bukaNkulunkulu, ehlabelela, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele," Athula nya. Akukho-ziNgelosi ezihlabelelayo. Akukho-zindumiso. Akukho—kukho-nkonzo yase altare. Qhabo, lutho. Kwakukhona ukuthula; kwathula, ukuthula nya eZulwini, inxenye yehora.

244 Lonke ibandla laseZulwini lathula lenxenye yehora, ngenkathi lemfihlakalo yoPhawu lwesiKhombisa eNcwadini yokuHlengwa lwalwephulwa luvulwa. Kucabangeni. Kodwa, Luyephulwa. IWundlu liyaLwephula. Niyazi ukuthini? Ashaywa wuvalo ngaLo, ngiyakholwa. Awazanga; Lwalulapho! Avele ayeka nje.

245 Ngani? Luyini na? Manje, akukho-namunye wethu owaziyo. Kodwa, ngi—ngizonitshela, esambulweni sami—sami saLo.

246 Futhi, manje, angithandi ukuba luhlanya. Uma ngiyilo, ngingongazi ngakho, niyabo. Ngi . . . anginikelwa ekubhekeni ngokukhanukela okuqhubekayo nezinto zokucabangela.

247 Ngisho izinto, kungahle ukuba bekuwuhlobo lokuxakile kwabanye abantu. Kodwa nxa uNkulunkulu efika ngapha, emva kwaLo, futhi aLuqinisekise futhi athi LuyiQiniso, khona-ke lelo yiZwi likaNkulunkulu. Niyabo? Kungabonakala kuxakile, leyondlela. Niyabo?

248 Futhi manje, njengokwangempela nje njengoba ngimi eplatifomu kulobubusuku, ngibe nesambulo esembulile. Kungendlela ekathathu. Engizokhuluma ngayo kini, ngosizo lukaNkulunkulu, kokusongwa kwaLo. Bese kuthi-ke u . . . Asiwelele kulokho, kuqala. Nasi isambulo, ukuqala engifuna ukunitshela khona, ukuthi Luyini. Ukuthi kwenzekani, ngabe lokho . . . LeyomiDumo eyisiKhombisa ayizwa iduma, futhi wenqatshelwa ukuba alobe; iyilokho-ke imfihlakalo,

ilele emva kwaleyomiDumo eyisiKhombisa elandelanayo iduma. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kaningana—Umhl.]

249 Manje, ngani na? Ake sikufakazise. Ngani na? Kuyimfihlo engaziwa-muntu. UJohane wayenqaba ukuloba ngaLo, ngisho—ngisho ukuloba isifanekiselo ngaLo. Ngani na? Lokhu yingakho kwakungekho-mnyakazo e—mnyakazo eZulwini: kwakungahle kuveze imfihlo. Seniyakubona manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

250 Uma Lulukhulu kangaka, Lufanele lifakwe, ngoba Luzokwenzeka. Kodwa ngenkathi imiDumo eyisiKhombisa . . .

251 Manje qaphelani. Nxa iziNgelosi eziyikhombisa zivela ukubetha amaCilongo azo, kwakukhona umdumo owodwa. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kanye—Umhl.] Ngenkathi uIsrayeli eqoqana, kwakunecilongo. "Lapho singasekubakho isikhathi," icilongo lokugcina, umdumo owodwa.

252 Kodwa lapha yimiDumo eyisiKhombisa eqondile, ngohlu ngqo: owodwa, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, owesikhombisa, leyonombolo ephelele. ImiDumo eyisiKhombisa ngohlu, yezwakalisa, hhayi . . . yenza nje—nje owodwa, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, owesikhombisa, oqondile. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kasikhombisa—Umhl.] Manje-ke, amaZulu awakwazanga ukuloba Lolo. AmaZulu angeke azi ngaLo, akukho lutho olunye, ngoba ayikho into ezoqhubeka. Kwakuyisikhathi sokuphumula. Lwalulukhulu kakhulu, kwaze kwathi, Lwagcinwa luyimfihlo eziNgelosini.

253 Manje, ngani? Ukuba uSathane ubengahle aKuthole, ubengenza umonakalo omkhulu. Yinye into angayazi. Manje, angahumusha noma yini afuna ukuyihumusha, futhi afanise noma yiluphi uhlobo lwesiphiwo, (ngiyethemba niyafunda), kodwa angeke alwazi Lolu. Alulotshiwe ngisho naseZwini. Luyimfihlo uqobo.

254 IziNgelosi, yonke into, yathula du. Ukuba zenza umnyakazo owodwa, kungahle kudedele into ethize, ngakho zavele zathula du, zayeka ukushaya amahabhu. Yonke into yama.

255 Isikhombisa, inombolo kaNkulunkulu ephelele. Isikhombisa, [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kasikhombisa—Umhl.] nje phansi ngqo ngohlu. ImiDumo eyisiKhombisa yezwakalisa ngqo kanyekanye, sengathi yayipelisha into ethize. Qaphelani, ngalesosikhathi, uJohane waqala ukuLuloba. Wathi, "UngaLulobi."

256 UJesu akazange akhulume ngaLo. UJohane wayengenakuLuloba. IziNgelosi azazi lutho ngaLo. Luyini na? Luyinto e, uJesu wathi, "Ngisho neziNgelosi zaseZulwini

zazingazi" lutho ngaLo. Niyabo? Niyabo? WayengaLwazi, qobo lwaKhe. Wathi, "NguNkulunkulu kuphela" oyoLwazi.

257 Kodwa Wasitshela, nxa si "qala ukubona lezizibonakaliso zivela." Manje kukhona lapho enifinyelela khona na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile. Qaphelani, si "qala ukubona lezizibonakaliso zivela." Niyabo?

Ukuba uSathane wayengaLuthola . . .

258 Uma nifuna kubekhona into eyenzekayo . . . Manje nizofanele nithathe izwi lami ngalokhu. Uma ngiplana ukwenza into ethize, ngazi okungcono kunokutshela noma ubani ngakho. Akusikho ukuthi lowomuntu ubengakusho, kodwa uSathane uzokuzwa. Niyabo? Akakwazi ukukuthola, enhliziyweni yami lapho, inqobo nje uma uNkulunkulu enakho kuvalwe ngci ngoMoya oNgcwele, ngakho lokho kuphakathi kwami noNkulunkulu. Niyabo? Akazi lutho ngakho uze ukukhulume, khona-ke uyakuzwa. Futhi ngizamile . . . Ngitshela abantu ngizokwenza into *ethize-thizeni*, bese ngibhekisisa udeveli enquma onke amasondo angawanquma, ukufika lapho, niyabo, ukungishaya kukho. Kodwa uma ngithola isambulo esivela kuNkulunkulu, futhi nje ngingasho lutho ngakho, khona-ke kwehlukile.

259 Khumbulani, uSathane uzozama ukuzifanisa. Uyozama ukufanisa yonke into iBandla eliyoyenza. Uzamile ukuyenza. Siyakuqaphela, ngomphikukristu.

260 Kodwa lena yinto eyodwa angeke azifanisa nayo. Akuyikubakho zilingiso kulokhu, niyabo, ngoba akaLwazi. Ayikho indlela kuye ukuba aLwazi. WuMdonso wesiThathu. Akazi lutho nje ngaLo. Niyabo? AkaLuqondi.

261 Kodwa kunemfihlo elele ngaphansi kwaLolo! [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kanye—Umhl.] Udumo kuNkulunkulu kweliPhezulu! Angeke neze ngacabanga okufanayo, konke ukuphila kwami, nxa ngibonile. Manje, angazi ukuthini . . . Ngiyasazi isinyathelo esilandelayo lapho, kodwa angazi ukuthini, ukuthi kuhunyushwa kanjani lokho. Ngeke kube kade. Nginakho kulotshwe phansi lapha, ngenkathi kwenzeka, uma ningabona lapha, "Yima. Ungabe usaqhubeka ukwedlula lokhu khona lapha." Angikuthandi ukuba wuhlanya. Ngikhuluma iQiniso nje.

262 Kodwa niyasikhumbula isicathulo esincane, engangizama njalo ukuchaza ukuthi umphefumulo wawubekwe eduze kuka*s'bani-bani*, nonembeza ongaphakathi, nalolonke lolohlobo lwezinto na? Okungukuthi, kwenza kuphela isigejane esikhulu sezifaniso ziqala emva kwakho. Ukuthi babesiphakamisa kanjani isandla, futhi babambe abantu, futhi babe nokudikizela na? Bonke abantu babenokudikizela ezandleni zabo.

263 Kodwa niyakhumbula, ngenkathi Engenyusela lapho, futhi wathi, "Lokhu yilowoMdonso wesiThathu, futhi

akekho oyoWazi." Niyakukhumbula lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Imibono ayehluleki neze. IyiQiniso ngokuphelele.

264 Manje qaphelani. Niyawukhumbula umbono ngesixuku na? Charlie, ngi . . . Nakhu lapho enikhona.

265 Into ethize eyenzekayo, nganitshela, leliviki, ukuthi ni . . . Konke bekungakini, kodwa angazi noma nikuqaphelile yini.

266 Niyasikhumbula isixuku, sombono weziNgelosi, ngenkathi ngisuka lapha ngiya eArizona na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyakhumbula "*Sikhathi Sini, Banumzane na?*" ["Amen."] Niyakukhumbula lokho na? Qaphelani, kwakukhona okukodwa kuphela ukuqhuma okukhulu komdumo, neziNgelosi eziyisikhombisa zabonakala. Kunjalo na? ["Amen."] Ukuqhuma okukodwa komdumo, iziNgelosi eziyisikhombisa zabonakala.

> *Ngase ngibona* iWundlu ngenkathi *selivula* uphawu lokuqala*, ngase ngizwa, kungathi yi*phimbo *lokuduma,* futhi *esinye sezidalwa ezine* sathi*, Woza ubone*.

267 Qaphelani, umdumo owodwa, imiLayezo eyisiKhombisa ebivalwe ngci ngophawu futhi ngeke yembulwa kuze kube wusuku lokugcina, lwalonyaka. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

268 Manje, niyiqaphelile inxenye eyimfihlakalo yaleliviki na? Luyilokho-ke. BeLuyilokho-ke. Bekungesiso isidalwa esingumuntu, u—umuntu. BekuyiziNgelosi zeNkosi. Qaphelani.

269 Kunofakazi, abathathu, abahlezi phakathi lapha, ukuthi evikini eledlulayo, ngaphezudlwana kweviki eledlule, ngangiphezulu, emuva le ezintabeni, cishe eMexico, nabazalwane ababili ohlezi lapha. Ngicosha ugudluthukela, noma onamathela, ngibasusa emlenzeni webhulukwe lami; futhi kwabakhona ukuqhuma, okwacishe impela, kwabukeka sengathi, kwazamazamisa izintaba phansi. Manje, kunjalo. Angizange ngibatshele abazalwane bami, kodwa bawuqaphela umehluko.

270 Futhi Yayisithi kimi, "Manje lungela. Yana empumalanga. Nakhu ukuhunyushwa kwalowombono." Niyabo? Manje, ukunazisa, uMfowethu Sothmann akayitholanga inyamazane ayeyilandela. Sasizama ukumtholela yona. Yayisithi, "Manje, kulobubusuku, okwesibonakaliso kuwe, akazukukwenza. Ufanele uzehlukanisele ngalesisikhathi ukuvakashelwa yileziziNgelosi." Futhi ngazizwa ngingasazizwa mina, niyakhumbula.

271 Futhi ngangisentshonalanga. IziNgelosi yayiza empumalanga. Futhi lapho Ziza, ngaphakanyiswa kanye naZo, (niyakukhumbula lokho na?) ziza empumalanga. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

272 NoMfowethu Fred, phakathi lapha kulobubusuku, ungufakazi, noMfowethu Norman. Lapho sehla, ngacishe ngayivumisa impela leyondoda ukuba ihlale futhi ithole inyamazane yayo. Kunjalo, Mfowethu Sothmann na? [UMfowethu Fred Sothmann, "Amen."—Umhl.] Ya, lapho, umi khona lapho. Ngavumisa; kodwa, nokho, Yathi, "Angeke akwenze." Angizange ngisho lutho; ngaqhubeka.

273 Into ethize, ngihlezi eceleni kwethende, usuku olu... Uyakhumbula, Mfowethu Sothmann. Nami, kwathi nje kungashiwo ezinye izinto, ukuthi ngabeka wena noMfowethu Norman...Uphi uMfowethu Norman? Emuva lapho. Ngababeka phansi kwesifungo, ukuthi babengeke bakuphathe okwakwenzeka. Kunjalo na? [Abazalwane bathi, "Amen. Yiqiniso lelo."—Umhl.] Ngake ngajika ngase ngisuka ngihamba kulelothende, *kanjalo* na? Kunjalo na? ["Kunjalo."]

274 Ngoba, yilokhu okwakuyikho, impela okwakuyikho, nokwazi ukuthi angikwazanga ukukusho kwaze kwenzeka, ukubona ukuthi abantu bayokuqonda yini.

275 Futhi niqaphelile na? "LeyoNgelosi eyodwa," ngathi, "phakathi lapho, yayiyiNgelosi exakile." Yayibukeka kakhulu kimi kunanoma yiyiphi yenye yaZo. Niyakukhumbula lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Zaziyisixuku; zintathu ngapha nangapha, nenye phezulu. Nale eyayiseceleni kwami ngqo lapha, ngibala kusukela kwesokunxele kuya kwesokudla, yayingahle ibe yiNgelosi yesiKhombisa. Yayigqame kakhulu, yayisho lukhulu kimi kunazo zonke ezinye zaZo. Niyakhumbula na? Ngathi, "Yayikhiphe isifuba saYo, ka*njalo,* futhi yayindizela ngasempumalanga" (niyakhumbula) "kanjalo." Ngathi, "Yangiqukula; yangiphakamisa." Niyakukhumbula lokho na? ["Amen."]

276 Nantu, leyo enoPhawu lwesiKhombisa, into ebingimangaza yonke impilo yami. Amen! Lezo ezinye iziMpawu zazisho inqwaba kimi, kusobala, kodwa, o, anazi ukuthi Lolu lushoni, kanye empilweni! [UMfowethu Branham ushaye phezu kwepulpiti kaningana—Umhl.]

277 Ngakhuleka, ngakhala kakhulu kuNkulunkulu. Nga—nga—nga...Emva kwalowomhlangano wasePhoenix...Noma yibaphi babantu, lapho nami, bayazi. Ngalala ezintabeni.

278 Ngokunye ukusa, ngavuka ngase ngenyukela eSabino Canyon, lezo ezinkulu, ezimangelengele, izintaba eziphakeme. Ngase ngenyuka ngiyongena lapho. Futhi kunomzila omncane wezinyawo, emva kokuba usuqalile, uqhubeke wenyukele eNtabeni iLemmon, okuluhambo oluthatha amamayela angamashumi amathathu, eduze cishe kwamafidi angamashumi amathathu eqhwa phezulu lapho. Ngakho, phezulu entabeni, kusesekuseni ngempela ngaphambi kokuba kuse, ngenyuka ngalomzila omncane wezinyawo, kuhambe kugingqika amatshe.

Ngazizwa ngiholeleka ukuba ngijikele *ngapha*. Ngase ngijika, ngase ngenyuka ngingena kwamanye amakhulu, amadwala acijile, o, he, amakhulu amafidi ukuphakama.

279 Ngase ngiguqa phansi phakathi kwalawomadwala. Ngase ngibeka phansi *leli*Bhayibheli, ngase ngibeka phansi lelibhuku. . . *le*nto encane yokulobela. [UMfowethu Branham ukhombisa iBhayibheli lakhe nento yokulobela—Umhl.] Ngathi, "Nkosi Nkulunkulu, uchaza ukuthini lombono na? Mina—ngi—ngi. . . " Ngathi, "Nkosi, ku. . . Ngabe kuchaza ukufa kwami na?"

280 Niyakhumbula, nganitshela, "Ngangicabanga ukuthi kwakungahle kusho ukufa kwami, ngoba into ethize yayiqhumile kwaze kwangizamazamisa ngaba yizicucu." Niyakukhumbula. Bangaki okwaziyo, okuzwile na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngani, impela, niyabo, nonke. Futhi ngacabanga ukuthi ngahle ukuba kwakusho ukufa kwami.

281 Kwase kuthi-ke ekamelweni, ngathi, "Ngabe kwaku. . . Kwakuyini—kuyini—kuyini, Nkosi na? Ku—kuchazani na? Kuchaza ukuthi ngizofa na? Uma kuyikho, kulungile, angeke ngiwutshele umndeni wami. Mangiqhubeke nje, niyabo, uma umsebenzi wami usuphelile." Futhi ngathi. . .

282 Manje, kwakuyini na? Kodwa Wabuye wathumela ufakazi emuva, niyakhumbula nginitshela, ukuthi kwakungesikho lokho. Kwakuyinqubekela phambili yomsebenzi wami. O, o, o! Niyakuthola na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Futhi ngihlezi phezulu eSabino Canyon. . .

283 UBaba waseZulwini uyakwazi lokhu. Ngokuqinisile impela nje njengoba nikubona lokho kufezeka, lezoziNgelosi zehla ngqo futhi zaqinisekisa wonke uMlayezo ukuthi uyafana. Manje-ke, niyazi noma Luvela kuNkulunkulu, noma qha. Kwashiwo ngaphambili, nina, ngombono. Ngangingeke nginitshele kuze kuphele izinkonzo, ngoba ngenqatshelwa ukukwenza.

284 ESabino Canyon, ngihlezi phezulu lapho ngalokho kusa, ngangiphakamise izandla zami. Nowami. . . Umoya waphephetha isigqoko sami esidala esimnyama sawa. Ngenkathi. . . Ngangimi lapho, nezandla zami ziphakeme, ngikhuleka. Ngathi, "Nkosi Nkulunkulu, kusho ukuthini lokhu na? Angikuqondi, Nkosi. Ngizokwenzenjani na? Uma sekuyisikhathi sami sokuya eKhaya, mangenyukele lapha, yilapho abangasoze bangithola khona. Angifuni-muntu ukuba alile lapha, uma ngimuka. Ngi—ngifuna nje umndeni ukuba ucabange ukuthi ngavele ngazishayelwa wumoya nje. Futhi bangeke bangithole. Ngizicashele ndawondawo. Uma ngizomuka, ngani, mangimuke. Mhlawumbe uJoseph uyolithola iBhayibheli lami lilele lapha, ngoluny'usuku, futhi umvumele aLisebenzise. Niyabo, uma ngimuka, mangimuke, Nkosi." Futhi

ngangineke izandla zami. Futhi, khona manjalo, into ethize yashaya isandla sami.

285 Angazi. Ngeke ngasho. Ngabe ngilalile na? Angazi. Ngabe ngehlelwe yisiyezi na? Angazi. Ngabe kwakungumbono na? Ngeke nganitshela. Into kuphela engingayisho yilokho engi . . . Into efanayo nje njengoba lezoziNgelosi yayinjalo!

286 Futhi kwashaya isandla sami. Ngase ngibheka, futhi kwakuyinkemba. Futhi yayinezibambo zeparele, iyinhle ngempela; futhi yayinesivikelo phezu kwayo, sinegolide. Nobukhali babubukeka njengento efana nensimbi ikromu, njengesiliva, kuphela ukuthi yayikhazimula ngempela. Futhi yayibukhali kakhulu njengophaphe, o, he! Ngase ngicabanga, "Leyo akusiyo yini into enhle ukwedlula zonke!" Yenela isandla sami nje! Ngacabanga, "Leyo inhle ngokumangalisayo. Kodwa," ngathi, "heyi, ngihlala ngizesaba njalo lezozinto, inkemba." Ngacabanga, "Ngizokwenzani ngalokho na?"

287 Kwase kuthi ngaleyonkathi nje iPhimbo lazamazama phansi lidabula lapho, elangqangqazelisa amadwala. Lathi, "YiNkemba yeNkosi uqobo!" Ngase-ke ngiphuma kuwo.

288 "INkemba yeNkosi uqobo." Manje, uma Lathi, "Inkemba yenkosi . . ." Kodwa Lathi, "INkemba yeNkosi uqobo." Futhi yinye kuphela "iNkosi uqobo," nalowo nguNkulunkulu. Futhi UneNkemba eyodwa, leyo yiZwi laKhe, engiphile ngalo. Lokho, ngakho ngisize, Nkulunkulu; ngimi ngale kwedeski laKhe elingcwele lapha, naleliZwi elingcwele libekwe lapha! YiZwi! Amen! O, usuku olunje pho esiphila kulo! Into enkulu kangaka pho! Niyayibona imfihlakalo nemfihlo na? OwesiThathu . . .

289 Ngimi lapho ngenkathi lokhu kungishiya, Into ethize ivele ifika kimi yase ithi, "Ungesabi." Manje, angizwangaphimbo. Njengakwingaphakathi lami, likhuluma. Ngifanele nje nginitshele iqiniso, khona impela nje okwenzekayo. Into yashaya, yase ithi, "Ungesabi. Lona yilowoMdonso wesiThathu."

290 UMdonso wesiThathu! NiyaWukhumbula na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Wathi, "Uzwile ngabaningi abazifanisayo ngalokhu, owazama ukukuchaza. Kodwa," wathi, "ungazami ngisho, Lokhu." Niyakukhumbula na? Bangaki owukhumbulayo lowombono na? ["Amen."] Ngani, kusezindaweni zonke. Kuteyishiwe, nandawo zonke. Lokho sekube yiminyaka eyisithupha eyedlula, iminyaka eyisikhombisa eyedlula. Sekube yiminyaka eyisikhombisa eyedlula. Wathi, "Ungazami ukukuchaza Lokho." Wathi, "Lona nguMdonso wesiThathu, kodwa Ngizohlangana nawe phakathi lapho." Kunjalo na? ["Amen."] Wathi, "Ungazami . . ."

291 Ngangimi nesi—sicathulo sengane encane, ngenkathi Engitshela. Wathi, "Manje yenza uMdonso wakho wokuQala. Futhi uma wenza, inhlanzi izolandela isicupho." Wathi, "Bese-

ke ubhekisisa uMdonso wakho wesiBili," wathi, "ngoba Uyoba kuphela yinhlanzi encane." Wathi, "Khona-ke uMdonso wesiThathu uyokuthola."

292 Nabo bonke abefundisi bangizungeza, bathi, "Mfowethu Branham, siyazi ungakwenza! Haleluya! Mfowethu Branham!" Yilapho engihlala njalo ngibophezeleke khona, nesigejane sabashumayeli. Niyabo? Ngiyabathanda abantu. Futhi bafuna uchaze yonke into, *le, leyo*.

293 Ngase ngithi, "Awu, a, a, a," ngathi, "Angazi." Ngathi, "Ngikuqondile ukudoba. Manje," ngathi, "manje, into yokuqala oyenzayo... Nansi indlela okwenziwa ngayo. Ubona zonke izinhlanzi macala onke; uzofanele uhambe udluthule isicupho." Awu, lokho yiwo impela amasu okudoba. Ngakho ngathi, "Udluthule isicupho. Manje, niyabo, ngenkathi ngidluthula isicupho, okokuqala, manje inhlanzi iyasilandela." Kodwa zazizincane. Futhi lokho nje kungathi babebamba.

294 Ngakho manje-ke nga—ngathi, "Khona-ke niyo—niyobeka..." Ngase ngisidluthula ngisikhipha, ogwini. Futhi nganginenhlanzi, kodwa yayibukeka njengesikhumba esemboze isicupho, nje kwaku... yayincane kakhulu.

295 Kwase kuthi-ke ngangimi lapho, neNto ethize yathi, "Ngikutshelile ukuthi ungakwenzi lokho!"

296 Ngaqala ukukhala. Lonke usinga lwaluthandele kimi, *kanje*. Futhi ngangine... ngangimi lapho, ngikhala, nekhanda lami libheke phansi *kanjalo*. Ngathi, "Nkulunkulu! O, ngi... Ngithethelele! Ngi—ngingumuntu oyisithutha. Nkosi, unga... Ngithethelele." Futhi nga—nganginalolusinga.

297 Futhi lokho, enganginakho esandleni sami, kwakuyisicathulo sengane encane, esithi asibe side *kangaka*. Futhi nganginalowomucu, futhi wawuthi awubemkhulu macala onke njengomunwe wami, cishe uhhafu we intshi, sengathi. Nembobo kulesisicathulo yayithi nje ayibe ngusayizi we... incane ukwedlula o—okukodwa eshumini nesithupha, cishe, kwe intshi, embotsheni. Futhi ngangizama ukubopha lesisicathulo esincane, ngalentambo eyi intshi enkulukazi. Hhe!

298 IPhimbo lafika, lathi, "Ungeke wafundisa izingane zamaPentecostal izinto ezingaphezu kwemvelo." Lathi, "Manje, ziyeke kanjalo!"

299 Futhi kwathi nje ngaleyonkathi Wangiqukula. Wangiphakamisa, wayesengihlalisa phezulu le, okulapho umhlangano wawuqhubeka khona. Kwakubukeka njengethende noma ihlala-bhishobhi, noma uhlobo oluthize. Ngase ngibheka, futhi kwakukhona ibhokisi elincane, kanjalo, indawo encane ngale eceleni. Futhi ngakubona lokho kuKhanya kwakukhuluma nomunye umuntu, phezu kwami, lokho kuKhanya enikubonayo lapho esithombeni. Kwavunguza kwasuka kimi, *kanjalo*, kwase kuwelela kulelothende. Kwase

kuthi, "Ngiyohlangana nawe lapho." Kwase kuthi, "Lokhu kuyoba nguMdonso wesiThathu, futhi awuyikuWutshela-muntu."

Futhi eSabino Canyon, Wathi, "Lona nguMdonso wesiThathu."

300 Futhi kunezinto ezinkulu ezintathu ehambisana naWo. Nenye isombululwe namhlanje . . . noma izolo; enye isombululwe namhlanje; futhi kunento eyodwa engingeke ngayihumusha, ngoba ingolimi olungaziwa. Kodwa ngimi khona lapho ngase ngiWubuka ngokuqonde ngqo. Nalona nguMdonso wesiThathu okhuphukayo. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kathathu—Umhl.] NoMoya oNgcwele kaNkulunkulu . . . O, he!

Yingalesosizathu lonke iZulu lathula.

301 Manje, kungcono ngi—ngime khona lapha, niyabo. Ngizizwa nje—nje nginqandeka, ukuba ngingabe ngisasho lutho ngaWo. Niyabo?

302 Ngakho, khumbulani nje, uPhawu lwesiKhombisa, isizathu Lwalungavulwanga. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kasithupha—Umhl.] Niyabo, isizathu Lungazange Lulwembule, akukho namunye ofanele azi ngaLo.

303 Futhi ngifuna nazi, ngaphambi kokuba ngize ngazi ngisho nanoma yiliphi iZwi ngaLolo, lowombono ufika eminyakeni eyadlula. Niyakukhumbula lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Futhi Nalu, njengoba lolu olunye belunjalo, lushelela luyongena ngqo eZwini impela lapho Olwalukhona. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kabili.] NoNkulunkulu uyayazi inhliziyo yami, angikaze nakanye ngicabange ngento enjengaleYo, futhi Lwalulapha. Isikhathi sesedlule kunoma sicabanga. Ehhe. O, he!

304 Lokho kukhombisa ukuthi Luvela kuNkulunkulu, ngokuba, niyabo, Lwenela kahle impela ezithembisweni zikaNkulunkulu, kusukela ekupheleni ko—koMlayezo. Niyaqaphela. Qaphelani manje, okoMlayezo wesikhathi sokuphela, loluPhawu. Empeleni, U—Uzembule zonke iziMpawu eziyisithupha, kodwa Akasho lutho ngolwesiKhombisa. NoPhawu lwesikhathi sokuphela, uma Luqala, luyoba yimfihlo uqobo, ngokweBhayibheli, ngaphambi kokwazi Lokho. Futhi khumbulani, iSambulo 10:1-7, 1 kuya kwele 7, ishahluko 10:1 kuya kwele 7, "Ekupheleni koMlayezo wengelosi yesikhombisa, zonke izimfihlakalo zikaNkulunkulu ziyokwaziwa." Sisesikhathini sokuphela, ukuvulwa koPhawu lwesiKhombisa.

305 Manje, ngaze kanjani na? Ngolunye usuku, ngeSonto eledlule, sekwedlule iviki namhlanje, ngenkathi ngangishumayela ngokuthi "Zithobe! Zithobe! Khumbulani, uNkulunkulu usebenzana nezinto ezincane." Angiqondanga ukuthi yini ngempela okwakukhuluma ngayo. Futhi manje

ngiyakubona. Kungendlela ethobe kabi! Ubungacabanga ukuthi into enjengaleyo ibingembulwa kwiVatican noma . . . Kodwa Ifika njengoJohane nje umBhaphathizi. Ifika njengokuzalwa kweNkosi yethu, esitebeleni. Udumo kuNkulunkulu! Ngisize kanjalo, ihora liseduze! Amen! Silapha. O, he!

306 Manje niyalibona, iQiniso lombono kaNkulunkulu, iziNgelosi eziyisikhombisa zingiletha zivela entshonalanga na? Zazivela entshonalanga, zibuyela empumalanga, zingiletha lapha ngaloMlayezo kulobubusuku. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kabili—Umhl.] O, he!

307 Manje, iPhimbo lalowomdumo omkhulu, nokuthunywa okwalethwa lapha, kwembuliwe, ukuthi Lu . . . futhi kwafakazelwa ukuthi beLukuNkulunkulu. Cabangani nje manje. Bengingazazi leziziMpawu, futhi zembulwe ngaleliviki. Ngabe noma ubani uke wacabanga ngalokho, ngalezoziNgelosi ziyiLolu, zinguMlayezo owawuza, lezoziNgelosi zingibuyisela lapha ngaLolo na? Niyabo?

308 Khumbulani, isiThunywa sesikhombisa sasi . . . IziThunywa eziyisikhombisa yayi . . . Egqamile kimi, iNgelosi yesikhombisa, Yayibonakala kakhulu kimi kunanoma yiyiphi. Manje, niyabo, zazimi *kanje*. Manje, sifuna nje ukuba niqaphele. Futhi ngangimi *lapha,* futhi ngangibukela lezo ezinye . . .

309 Niyabo, eyodwa, isixukwana sokuqala, sezinyoni ezincane, izimpaphe zonke zishayeke zehla. Niyazikhumbula na? Futhi zonke zandizela ngasempumalanga. Nesixukwana sesibili, zazigqame kakhulu, izinyoni ezinkulu ngokuthe xaxa, zazibukeka zifana namajuba, amaphiko acijile. Zandizela ngasempumalanga. UMdonso wokuQala, uMdonso wesiBili, kwase kuthi okulandelayo kwakuyiziNgelosi. Futhi njenge . . .

310 Ngangimi khona lapho, nalokhu ukuqhuma kwasuka. Futhi ngangibheke *ngapha*, ngasentshonalanga, futhi Ziyafika futhi zavele zangiqukula, phakathi Lapho. Ngahamba ngaze ngayothi ngqu ngale kokwazi kwami. Nenye yaZo, iza, yayiyileYo eyayibukeka ixake kakhulu kimi, yayiyileYo eyayingakwesami . . . Ingaba kwesokunxele, lapho engangingene khona esixukwini. Kodwa ngibala kusukela ngakwesokunxele kuya kwesokudla, yayingaba yiNgelosi yesikhombisa, niyabo, iza inqamula. Manje, khumbulani, iziThunywa eziyisikhombisa.

311 Niyasikhumbula isivivane seDwala elimhlophe, sephupho likaJunior Jackson engalihumusha kini na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyabo? Qaphelani, ubusuku engasuka ngabo, futhi ngi . . . Kwakukhona amaphupho ayisithupha afikayo, futhi onke eqondene ngqo nento efanayo. Wase uqala-ke umbono, wase ungithumela entshonalanga. Futhi, uJunior, wayebhekisisa ngenkathi . . . Qaphelani. Bukani ukuthi kuphelele kanjani!

312 Manje, ngi—ngithemba futhi ngethemba ukuthi ninabantu niyaqonda ukuthi ngizama ukubeka lomusa kuJesu Kristu,

OnguMqalisi waKho konke. Nesizathu kuphela ningangizwanga neze ngikhuluma kanje ngaphambili, empilweni yenu, kodwa lelihora liyasondela. Niyabo? Niyabo? Qaphelani.

313 Manje ukukwenza kuqiniseke, kini, ukuze kubethelwe phansi. Ngilungiselela ukunishiya futhi. Angazi ukuthi ngiyoyaphi. Ngifanele ngishumayele iVangeli kwezinye izindawo. Kodwa manje, lokho . . .

314 Ungahle uthi, "Ngiluzwile lonke lolohlobo lobuhlanya." Angazi ukuthini; ngeke ngehlulela noma yimuphi omunye umuntu.

315 Ngizophendula kuphela kuNkulunkulu ngalokho engi . . . nge—ngesingami uqobo. Kodwa sike sabakhona yini isikhathi esengake nganitshela noma yini eGameni leNkosi, lokho okwakungesikho, kuyo yonke leminyaka na? [Ibandla lithi, "Qhabo."—Umhl.] Akekho omunye umuntu ongasho njalo, ngoba ngangihlala njalo ngikusho ngendlela nje Akusho ngayo.

316 Manje ake nginikhombise nje ukuthi lokhu kuqinisile impela, futhi ngikuqinise.

317 Manje khumbulani, "Uma kukhona owomoya noma umprofethi, Mina iNkosi ngiyokhuluma kuye ngemibono, futhi ngazise kuye ngamaphupho." Ukuhumusha amaphupho, yilokho. UJosefa, wayekwazi ukuhumusha amaphupho, futhi akhulume futhi—futhi abone imibono. Ngabe yiqiniso lelo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

318 Manje qaphelani lokhu. Lokho, manje, ngenkathi lokhu sekwenzekile, uJunior wayemi okhalweni olwalune—olwalunesivivane esikhulu kulo, kanjalo. Futhi kwakunento ethize ebhalwe emadwaleni, futhi ngangembula Lokho kubantu. Kunjalo, Junior na? [UMfowethu Junior Jackson uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Cishe sekuwunyaka kwenzeka.

319 Futhi qaphelani into elandelayo manje. Ngathatha olunye uhlobo lwensimbi ngase ngiSinquma, futhi kwingaphakathi kwakuyiDwala elimhlophe elalingalotshwe lutho kuLo. Futhi, ngalesosikhathi, ngaqala ukuya entshonalanga. Futhi ngabatshela bonke, ngathi, "Ningaphumi niye entshonalanga. Hlalani lapha futhi nibuke kuLokhu ngize ngibuye." Ngaya entshonalanga, okokuqhuma; ngabuyela empumalanga, noMoya oNgcwele uhumusha leliZwi elingalotshiwe. Manje, uma lowo kungesiye uNkulunkulu uSomandla ngokupheleleyo, ngifuna nazi ukuthi kuyini.

320 Yini engizama ukuyisholo lokhu, bangani na? Ngukunikhombisa ukuthi sisesikhathini sokuphela. Manje, uma labo abanye eseZwini ngokuphelele ncamashi, kanjalo naLokhu ngokuphelele ncamashi neZwi! Silapha. Sisekupheleni, bangani.

321 Masinya kuzo "phela isikhathi." Izigidi zizolahlekelwa izimpilo zazo. Izigidi ziyoba njalo, lezo manje ezikholelwa ekutheni zisindisiwe, ziyobalwa ngokuthi zingukudla konyaka we atomu. Siphila ehoreni lokugcina. Ngomusa kaNkulunkulu uSomandla, ngosizo lwaKhe kubantu baKhe, ukuze babuke phambili ekubonakaleni okusheshayo kukaKristu! "Kuze kube nini, Mfowethu Branham na?" Mhlawumbe iminyaka engamashumi amabili; mhlawumbe eminyakeni engamashumi amahlanu; mhlawumbe eminyakeni eyikhulu. Angazi. Futhi mhlawumbe ekuseni; mhlawumbe namanje kulobubusuku. Angazi. Futhi noma ubani uthi bayazi, banephutha. Niyabo? Abazi. UNkulunkulu, kuphela, uyazi.

322 Manje qaphelani. Ngakho ngisize, ngoNkulunkulu, ngikhuluma iQiniso, ukuthi Lezi zehlukaniswa ngokomoya kimi, zihlukaniswa nguMoya oNgcwele. Futhi, ngazo zonke zaZo, kukhombe indawo yaKho eBhayibhelini.

323 Manje, ukuthi lemfihlo enkulu iyini elele phansi kwaloluPhawu, angazi. Angikwazi. Angikwazanga ukukuqonda. Angikwazanga ukuLusho, ukuthi nje Lu—ukuthi nje Lwathini, kodwa ngiyazi ukuthi KwakuyileyomiDumo eyisiKhombisa izizwakalisa ngokusondele ndawonye ngqo, nje iklabalasa izikhathi ezihlukene eziyisikhombisa. Futhi Lusombululwa kwenye into ethize engiyibonile. Manje-ke, ngenkathi ngibona Lolo, ngafuna ukuhunyushwa. Kwandiza kwanqamula lapho, futhi angikwazanga ukuLuqonda. Kunjalo impela. Niyabo? Ihora akukabisilo lwaLo impela okwamanje.

324 Kodwa, Luya ngakulesosiyingilizi, niyabo. Kwenyuka ngokusondela. Ngakho, into kini ukuba niyenze ngukukhumbula ukuthi ngikhuluma kini eGameni leNkosi. Lungelani, ngokuba anazi ukuthi sikhathi sini into ethize engenzeka ngaso.

325 Manje, nxa lokho kufika eteyipini, okuyiLo, lokho mhlampe kuyoxosha izinkulungwane eziyishumi zabangani bami kimi. Isizathu, bazosho, ukuthi, "UMfowethu Branham uzama ukuzibeka yena, futhi azenze yena, i—inceku noma umprofethi, noma into ethize, phambi kukaNkulunkulu." Ake nginitshele, bazalwane bami, leso yisiphosiso.

326 Nginitshela kuphela lokho engikubonile nalokho okushiwo kimi. Futhi manje ye—yenzani noma yini enifuna ukuyenza. Angazi ukuthi ubani ozo . . . ukuthi kuzokwenzekani. Angazi. Ngazi nje ukuthi leyomiDumo eyisiKhombisa ubambe leyomfihlakalo. AmaZulu lalithule. Wonke umuntu uyaqonda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kungahle kube yisikhathi, kungahle kube yihora manje, ukuthi lomuntu omkhulu esimbheke ukuba avuke enkundleni kwangathi angasukuma enkundleni.

327 Mhlawumbe lenkonzo, ukuthi ngizame ukuthatha abantu babuyele eZwini, ubeke isisekelo; futhi uma kukwenzile, ngizonishiya, ngingasabuyi. Angeke kubekhona ababili bethu lapha ngesikhathi esifanayo. Niyabo? Uma kunjalo, uyokhula; ngiyoncipha. Angazi.

328 Kodwa ngibe nenhlanhla, ngoNkulunkulu, ukubuka futhi ngibone ukuthi Lwaluyini, niyabo, ngilubone lusombululwa kangako. Manje, lelo yiQiniso.

329 Futhi ngineqiniso ukuthi niziqaphelile izinto ebiyenzeka kuleliviki. Ngineqiniso ukuthi nimqaphelile lowomfana omncane kaCollins elele lapho, efa, ngobunye ubusuku; leyo encane, intombazane enesifo sokuphelelwa yigazi ilukemiya.

330 UMbuso kaNkulunkulu uyeza. Futhi Usuba kakhulu usuka kokuyisithombe uya kokuyikho ngempela, njengoba bekunjalo. Manje, lokho bekungafanele ukuba kubabinde abantu. Kusuka ekulungisisweni, kuya ekungcwelisweni, kuya embhaphathizweni kaMoya oNgcwele, bese-kuba *lapha, lapha.* Niyabo? Sisondela kakhulu nje kuNkulunkulu, ngaso sonke isikhathi.

331 Aniboni, befundisi beMethodisti, ukuthi umlayezo wenu wokungcweliswa wawungaphezu kwalokho uLuther akushumayelayo na?

332 Nina maPentecostal, aniwuboni yini umlayezo wenu wombhaphathizo ungaphambili le kwalokho okwashunyayelwa yiMethodisti na? Niyazi ukuthi ngichaza ukuthini na?

333 O, sibe nenqwaba yezinto eziqhubekayo! Nalokho kunjalo. Futhi uma ekhona umuntu odelela okungalungile, nabantu besho into empeleni engamanga futhi engesilo iQiniso, ngiyakuzonda lokho.

334 Kodwa ngi—ngiyalithanda iQiniso eliqinile, akunandaba ukuthi Liphazamisa kanjani nga*le*ndlela noma *leyo*ndlela. Uma LiyiQiniso, uNkulunkulu ekugcineni uyoLikhombisa njengeQiniso. Futhi uma Engakwenzi lokho, ngolunye lwalezizinsuku masinya, khona-ke umbono wami ubungalungile. Manje niyabona nje lapho engizibeke khona mina uqobo.

335 "Kuyoba nini, Mfowethu Branham na?" Ngeke nganitshela. Angazi.

336 Kodwa, ngolunye lwalezizinsuku, uma singaphindi sibonane futhi kulomhlaba, sizobonana ngaleya e—esihlalweni sokwahlulelwa sikaKristu. Futhi nizothola, ukuthi, kulelokamelo, isambulo sivela kuNkulunkulu, njengoba nje zonke ezinye zazo lwenzile, ukuthi Zona . . . Enye yemfihlakalo yaloloPhawu, isizathu Lungembulwanga, LwaluyimiDumo eyisiKhombisa eyezwakalisa amazwi aYo. Futhi Nanto, ngokuphelele. Ngoba, akukho lutho olwazi utho ngaLo.

Lwalungalotshiwe ngisho. Ngakho, sisesikhathini sokuphela. Silapha. Ngibonga uNkulunkulu ngeZwi laKhe.

337 NgiyaMbonga ngoJesu Kristu. Ngokuba, ngaphandle kokuMthumelela i—inhlawulo ngenxa yezono zethu, sonke besiyoba senkucunkucwini enkulu yesono, singenathemba. Kodwa, ngomusa waKhe, iGazi laKhe—laKhe lihlanza sonke isono. Njengeconsi lika inki nje ebhakedeni lesisusamabala iKloroksi, awusophinde uwuthole u inki futhi. Uma izono zethu zivunywa, sifakwa eGazini likaJesu Kristu; azisophinde zaziwe futhi. UNkulunkulu uyazikhohlwa; azikaze ngisho senziwe. Futhi inqobo nje uma lowoMhlatshelo ulele lapho ngokubuyisana nathi, khona-ke yilokho kuphela. Yilokho, niyabo. A—asisesizo izoni. SingamaKristu, ngomusa kaNkulunkulu. Khumbulani, ngesingathi uqobo cishe besiyoba babi nje njengoba sasilokhu sinjalo. Kodwa, niyabo, umusa kaNkulunkulu ubonakale kithi, futhi yilokho okusenze saba yilokho esiyikho namhlanje, abafowethu nodadewethu abangamaKristu.

338 Leli bekuyiviki elikhulu kakhulu kimi. Ngikhathele. Ingqondo yami ikhathele. Ngoba ngi—ngine . . . ngawo onke amandla ami engingawenza. Nento exakile iqhubeka, nsuku zonke. Bengimangala; ukuya ekamelweni, futhi ngibe lapho imizuzu embalwa, futhi ngibone Into ethize ingijikisa nje ngokupheleleyo.

339 Futhi, lapha, bengingena lapho futhi ngicoshe amanothi. Ngicoshe izincwadi zikaDr. Smith, u-Uriah Smith, futhi, o, bonke a—ababhali nayo yonke into, futhi ngayifunda phakathi, ngafunda phansi ezincwadini zabo. Ngithi, "Manje *nantu* uPhawu lwesiThupha. *Nantu* uPhawu lweSine. Manje ithini lendoda na? Ibiyothi, 'Awu, Lwaluyi*lokhu, lokho,* noma *okunye*.'" Ngibuke ngapha bese ngithola enye indoda. Yathi Lwalungu *kuthi-nokuthi*. Futhi kwakubukeka sengathi nje ngi . . . Akusebenzi nje kahle. Niyabo?

340 Ngase-ke ngicabanga, "Awu, Luyini, Nkosi na?" Bese ngehla ngenyuka kwiphansi lendlu isikhashana. Ngiguqe phansi bese ngikhuleka. Ngibuyele emuva bese ngicosha iBhayibheli; ngihlale phansi, ngifunde. Ngiye emuva naphambili.

341 Bese-ke, khona manjalo, uma sengithule, nantu Lusombululwa nje kanjalo. Bese-ke ngidumela ipeni masinya impela, bese ngiyoLubhala kanjalo, noma yini engangiyibona futhi ngiyenza. NgiLubhekisisa, kanjalo, ngaze ngaLubhala phansi.

342 Bese-ke ngithatha, usuku lonke, futhi ngehle bese ngilandela umkhondo waLolu, bese ngibona ukuthi Lubophene yini kusukela phansi emiBhalweni. Manje-ke, "Vivinyani konke." Niyabo? Nginalo Lolu lapha.

343 Futhi ngiyacabanga, "Manje, baningi abantu ababa nemibono. Kunabaningi abebesezambulweni." Uma kuphambene neZwi, kuyeke kanjalo; kunjalo, kuyeke kanjalo.

344 Manje, manje, bese-ke ngihambisa Lolu ngisho naphansi *kanje,* ngikwehlise *kanje*. Ngibhale phansi izinto ezincane lapha. Ngacabanga, "Awu, manje, iklasi lizojabula ukuzwa lokhu, ngoba kubopha *lapha* futhi kubopha *lapha*. Manje, ake sibone, kuthini lokhu *lapha* na? Yebo. Futhi, ya, nakhu, khona *lapha*." Niyabo?

345 Bese ngiLubuyisela eBhayibhelini, futhi ngibophe into phansi, iviki lonke. NaNto, emateyipini. Nemukelekile kubo. Futhi ngikwenze ngakho konke ukwazi kwami, phansi kwenhlanganyelo yamaKristu, umusa kaNkulunkulu, kubantu bonke, ngoJesu Kristu. Ngenze okwedlula konke ebengikwazi ukuthi kanjani.

346 Beningelinye lamaklasi amahle kunawo onke. Bekungekhomuntu obengahlala kahle ukwedlula noma yini. Nonke ningene lapha ngelokuqala nqo osukwini, kwaze kwaba ngelesihlanu nqo, kuya kunoma yinini lapho bevula indlu yokukhonzela futhi baletha i. . . bangenisa abantu. Nime emakhazeni; nime eqhweni; nenze yonke into; nama nizungeze izindonga, kwaze kwaba buhlungu imilenze yenu. Bengibabona abesilisa, behlala phansi; bededela abesifazane bahlale phansi. Nabehlukene bebema kanjalo, behlezi bezungezile. Ngacabanga, "Nkosi, konke . . ."

347 Leli bekuyiviki eliyimfihlakalo. Yonke into ibixakile, kanjani, nxa abantu beza, ngibabone bezungeze ngaphandle, emafasteleni, eminyango, ngemuva bezungeze ngemuva, ndawo zonke, belalele. Futhi mayelana nokuba yisikhulumi, ngikude nokuba yisikhulumi. Ngi—nginalobobuhlakani obungako, ukwazi ukuthi angisiso, ukuthi angisiso isikhulumi. Kodwa kungani abantu bahlale futhi balalele kanjalo na? Bakwenzelani na? Abezi ukuzozwa umuntu onjengami. Kodwa bayeza ngoba kuNento ethize kukho, edonsela abantu kuYo. Niyabo? KuNento ethize kukho, ebadonsayo.

348 Njengoba umkami eme lapha emsamo futhi uyacula, ngenkathi ngiqala:

> Bavela eMpumalanga naseNtshonalanga,
> Bavela ezweni elikude,
> Ukuzodla idili neNkosi, ukuzodla njengesimenywa saYo;
> Zibusiswe kakhulu lezizihambi!
> Zibheka ubuso baKhe obungcwele
> Buvutha ukuKhanya kobuNkulunkulu;
> Abahlanganyeli ababusisiwe bomusa waKhe,
> Njengamatshana ayigugu emqheleni waKhe ukuba akhanye.

349 Kwangathi ningakukhumbula lokho, "Ukuba yitshana eliyigugu eMqheleni kaJesu Kristu." UPawulu wathi eBandleni, "Ni—ningamagugu, amatshana ayigugu oMqhele waKhe." Sifuna ukuba ngamatshana ayigugu oMqhele kaJesu Kristu.

350 Asifuni, asikaze sibeke-muntu kukho. Nikhohlwa noma yini ngami. Ngingumfowenu, isoni esisindiswe ngomusa, esingakufanele ukuphila. Yiqiniso impela lelo. Angikusho lokho ukuba ngizithobe; lokho ngamaqiniso. Akukho lutho kimi, akukho neyodwa into ezwakalayo, nhlobo.

351 Kodwa umusa kaNkulunkulu uvumele awami ahluphekayo, amehlo alufifi abuke ngapheshe ya kwekhethini lesikhathi futhi ngibone lezozinto ngaleya, futhi ngiyabuya.

352 Ngisengumfana, ngangibathanda abantu. Ngangihlala njalo ngifuna umuntu ukuba angithande futhi angikhulumise. Akukho-muntu owayekwenza, ngenxa yegama lomndeni. Akukho-muntu owayengikhulumisa.

353 Kodwa ngenkathi ngenza ukuzinikela kwami kuNkulunkulu, manje-ke . . . Abantu bakithi, imuva, bengama Irishi, ngacabanga, "Mhlawumbe . . . Bonke babeyiKatolika, futhi mhlawumbe bekungaba yiKho." Ngaya *lapho,* futhi Wayengandlela-thize. Ngase ngehlela ebandleni leBaptisti yokuQala, futhi Wayengenye indlela.

Ngathi, "Nkosi, kuzofanele kube ngandlela thize eqinisile."

NeNto ethize yathi, "YiZwi."

Ngilibambile leloZwi. Bukani yonke imibono, ndawo zonke.

354 Usuku engabeka ngalo lelotshe legumbi ngaleya, ngase ngifaka lokho lapho, ngabhala lapho Angikhombisa khona ngalokho kusa embonweni. "Uqinise kuyisikhathi, noma kungesiso isikhathi; ukhuze ngakho konke ukubekezela nesiFundiso. Ngokuba kuyakuba-khona isikhathi abangayikuvuma ngaso isiFundiso esiphilayo; kepha ngokwezinkanuko zabo bayakuzibuthela ndawonye, njengafundisi, benezindlebe ezibatshwayo; futhi bafulatheliswe eQinisweni, baye ezinganekwaneni." Futhi ngiyibonile leyomithi emibili, engama ngakuyo, yenza leyonto efanayo impela. Kunjalo. Futhi silapho. Nalokho kuqinisile. Futhi, manje, ungeke . . .

355 Khumbulani. Ake ngineluleke futhi. Ningasho ukuthi, "Ngiyakubonga," kunoma ubani, nhlobo. Ningasho, nicabange lokho, omunye umfundisi noma okuthize, omunye umuntu ofayo; kukhona noma yini enhle ngaye. Isizathu, akekho. Angikhathali ukuthi ungubani. Akukho okuhle kunoma yimuphi umuntu. Kunjalo.

356 Uma kunesixheke sonke samacilongo sibekwe lapha, nelinye lawo lizwakalise umnyuziki othize, ngumuntu . . . Lawomacilongo ayisimungulu ngokuphelele. Ngumfo

ongakhalisa icilongo, owaziyo ukuthi uzokwenzenjani, ocosha icilongo. Icilongo alihlanganise lutho nakho. Umsindo uvela ekuhlakanipheni ngemuva kwalo. Kunjalo. Ngakho, onke amacilongo ayafana.

357 Bonke abesilisa bayafana. Onke amaKristu ayafana. Abekho abesilisa abakhulu phakathi kwethu. Asisibo abesilisa abakhulu, akusibo abesifazane abakhulu. Sonke singabafowethu nodadewethu, sonke siyafana, kubakake ofanayo. Asisibo "abakhulu." Omunye akenzi omkhulu kunomunye, akukho-nto nhlobo, ukwenza. Qhabo, mnumzane. Kodwa sonke nje siyizidalwa ezingabantu.

358 Ningazami ukuhumusha izinto. Ningazami ukwenza noma yini engaphezu nje kokuphila impilo esondele, ninika udumo nokuhlonipha kuJesu Kristu. Wonke umuntu uyakuqonda lokho manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Amen. Mthandeni ngenhliziyo yenu yonke. Niyakwenza na? ["Amen."]

> Ng'yaMthanda, (Futhi ngizomthanda!), ng'yaMthanda
> Ngoba Wang'thanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

359 Akadunyiswe uNkulunkulu! Ngabe wonke umuntu uyaqondisisa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngabe wonke umuntu uyakholwa na? ["Amen."] Niyakhumbula ngenkathi ngiqala ukuqala, "Ubani okholwe ngesikuzwileyo na? Ingalo yeNkosi yembulelwe bani na?" Ngabe Wembulile kini, umusa waKhe, ukulunga kwaKhe na? ["Amen."] Amen. Khumbulani nje, niMthande ngayo yonke inhliziyo yenu.

360 Ngibuyela ekhaya manje. Ngizobuya lapha futhi, iNkosi ithanda, lapha kuJuni lulunye.

361 Mhlawumbe, uma iNkosi ikubeka enhliziyweni yami, mhlawumbe ngesinye isikhathi ngalelihlobo kuse eli, njengoJuni noma ndawo ndawo, mhlawumbe kuse eli ekwindla, uma iNkosi ilibala, ngithanda ukubuya bese ngihlela obunye ubusuku obuyisikhombisa, bamaCilongo ayisiKhombisa okugcina. Ningakuthanda lokho na? Ningakuthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nizongikhulekela, ukuthi uNkulunkulu uzongisiza na? ["Amen."] Kulungile.

362 Ngize ngibonane nani futhi, khumbulani leliculo elidala elimnandi:

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
> Ngoba Wang'thanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

363 Manje ngifuna ukhothamise ikhanda lakho. Ngifuna ukunikhulekela. Ngaphambi kokuba umelusi anikhulule, ngifuna ukunikhulekela.

364 Baba wethu waseZulwini, kwangathi abantu, Nkosi, bangaqonda. Okungukuthi, ngiqinisekile ukuthi kukhona abanye ongaqondi. Kodwa, Baba, kwangathi banga—bangayazi impokophelo. Futhi kwangathi bangaqonda, Baba, ukuthi—ukuthi ngumusa waKho kubo ukuthi lezizinto ziyembulwa. Futhi ngifuna ukuKubonga, Nkosi, ngolwazi lokwazi lezizinto Ozembule kithi.

365 Futhi ngikhulekela wonke olapha, wonke othamele lemihlangano. Uma kubakhona abanye ongakholwa, kwangathi, Nkosi, bangaba amakholwa.

366 Ngikhulekela bonke abazozwa imiLayezo ngeteyipu. Futhi uma Wehla, okungukuthi Uyokwehla, akungabazeki, emakhaya nezindawo zabangakholwa abaningi bayokwehluka; kodwa, Baba, ngikhulekela ngamunye, ukuthi ngaphambi kokuba basho noma yiliphi igama lenhlamba, ukuthi kuqala bangahlala phansi bese behlola imiBhalo ngalokho okushiwoyo, bese-ke besho kuWe ukuthi baqotho ngempela futhi bafuna ukwazi ukuthi leli yiQiniso, noma qha. Futhi ngiyabakhulekela, Baba.

367 Futhi ngikhulekela laba abame ngasezindongeni, abame ngaphandle, abahlale ezimotweni zabo, abantwana abancane, nabo bonke obephakathi. Futhi nje bonke babo, Nkosi, ngiyabakhulekela.

368 Futhi ngikhulekela ukuthi imikhuleko yami izophendulwa, ukuthi Uzobabusisa. Kuqala, Nkosi, baphe bonke ukuPhila okuPhakade. Ngikhulekela ukuthi akuzukubabikho noyedwa wabo olahlekayo, hhayi oyedwa.

369 Futhi manje, Baba, asazi ukuthi lesisehlakalo esikhulu siyoba nini. Kodwa uma sibona lezizibonakaliso zibonakala, nezenzeko zangokomBhalo, kufudumeza inhliziyo yethu ngaphezu kwesilinganiso. Futhi ngiyakhuleka, Baba Nkulunkulu, ukuthi Uzosisiza.

370 Ngikhulekela ukuthi Uzomsiza umelusi wethu othandekayo, uMfowethu Neville. Menze, Nkosi, agcwale umusa futhi agcwale amandla, nanokuqonda, ukuze akwazi ukuthatha lokhu uKudla okubekiweyo futhi aphe izimvu zikaNkulunkulu.

371 Nkosi, ngikhulekela ukuthi Uzosusa ukugula kithi. Kwangathi kungafezeka, ukuthi nxa abantu begula, ukuthi bayokhumbula iGazi leNkosi uJesu elikhona nelenele konke elibekwe ealtare, ukwenza ukubuyisana. Futhi ngikhulekela ukuthi bazophiliswa masinya.

372 Futhi ngikhulekela ukuthi Uzodedisa amandla kaSathane kubo, ukubathena amandla, noma ukuzama ukubenza benze

izinkoloze. Noma, nje udedise onke amandla esitha, Nkosi. Singcwelise eZwini laKho. Siphe khona, Nkosi.

373 Manje-ke, Nkosi, ngikhulekela ukuthi Uzongisiza. Ngi—ngi—ngiqala ukufiphala, Nkosi. Ngiyazi izinsuku zami ngeke zisaba ziningi kakhulu. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzongisiza, ukuba ngibe ngoqinisileyo, Nkosi, futhi ngithembeke futhi ngibe qotho, ukuze ngikwazi ukuthwala uMlayezo ngiwuyise kude njengoba ugcotshelwe mina ukuba ngiwuthwale. Futhi uma sekufika esikhathini sokuba ngilale phansi, bese ngehlela eMfuleni, namagagasi aqale ukungena, O Nkulunkulu, kwangathi ngingakwazi ukunikeza leNkemba endala komunye umuntu oyokwethembeka ngaYo, Nkosi, futhi ozothwala iQiniso. Siphe khona, Nkosi. Futhi, kuze kube yileyonkathi, ngisize ngiqine futhi ngibe nempilo, nokuba nesibindi.

374 Siza ibandla lami. Sibusise ndawonye, Nkosi. SingabaKho. Siyezwa manje ukuthi uMoya waKho uphakathi kwethu. Sikholwa ukuthi Uzophendula imikhuleko yethu. Ngokuba, sizinikela kuWe, neZwi laKho, ukuba sikhonze zonke izinsuku zethu phezu kwalomhlaba, eGameni leNdodana kaNkulunkulu, uJesu Kristu, uMsindisi wethu othandekayo, ngenkazimulo yaKhe. Amen.

Ngi . . . (UNkulunkulu anibusise!) . . .
ng'yaMthanda, (ngayo yonke inhliziyo yami),
Ngoba Wang'thanda kuqala.

375 UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Neville . . . ? . . . Hlala esigxotsheni somsebenzi . . . ? . . .

## UPHAWU LWESIKHOMBISA LUYAQHUBEKA

376 [Seniqedile nje ukulalela u*Phawu lwesiKhombisa* lwasekuqaleni njengoba lushunyayeliwe ekupheleleni kwalo ngeSonto kusihlwa, uMashi 24, 1963 eTabenakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana. UMfowethu Branham akafunanga ukuba lokhu kuqoshwa kwasekuqaleni kudedelwe. Usuku olulandelayo, ngoMsombuluko, Mashi 25, 1963, uMfowethu Branham uye egumbini lehhotela labahamba ngezimoto likaMfowethu Fred Sothmann noMfowethu James Maguire ababengalesosikhathi belawula ekwenziweni kwamateyipu. UMfowethu Branham watshela lababafowethu ukuthi, "angifuni lomlayezo uthunyelwe ngendlela ongayo." Emva kokulalela iteyipu qobo lwakhe, wayala abafowethu ukuba bamise iteyipu endaweni ethize, futhi kuleyondawo (ukuqala kwendima unombolo 261) waqopha ingxenye entsha ehlawumpiselwa emizuzwini engamashumi amabili ubude (indima 377-415). Lengxenye entsha yabe-ke isisetshenziswa endaweni yokugcina kweyasekuqaleni (indima 261-373). Lokhu kuqoshwa kwakungukulandisa okwadedelwa kuphela yo "Phawu lwesiKhombisa" kwaze kwaba u 1966. Emva kokuba

uMfowethu Branham eseshiye inkundla, ibhodi yeNhlangano yobuVangeli kaWilliam Branham ngazwilinye yavumelana ukudedela iteyipu eyaqoshwa okokuqala eTabenakele. Kusukela ngalesosikhathi, zombili izilandiso bezilokhu zitholakala. Manje sesifake lomlayezo oyisinezelo kaMfowethu Branham eteyipini eyodwa, nolwasekuqaleni "uPhawu lwesiKhombisa." Iphimbo elilandelayo olizwayo kuzoba uMfowethu Branham esegumbini lehhotela labahamba ngezimoto ngoMsombuluko, Mashi 25, 1963—Umhl.]

377 Kuyoba yinto enhle ukuthi akazi lutho ngaLo. Ngoba, ukuba azi, khona-ke ubeyozifanisa naLokho. Lawo amaqhinga akhe ekwenzeni izinto.

378 Ngakho, ngakho-ke, uNkulunkulu uLwenze lwacasha kakhulu emhlabeni wonke, ngisho naseZulwini, ukuthi akukho-ndlela yokuLuqonda, kuphela njengoba uNkulunkulu eyoLwembula, qobo lwaKhe.

379 Manje ngifuna niqaphele, kulobubusuku, ukuthi oPhawini lwesiThupha, kwakukhona inhloso e—ekathathu yoPhawu lwesiThupha.

Kwakukhona inhloso ekathathu yabagibeli bamahhashi.

380 Bekunenhloso ekathathu kuzo zonke lezizinto. Esibuyisela kokuthathu. Nesikhombisa, futhi, niyabo, iziMpawu eziyisiKhombisa, iZitsha eziyisiKhombisa, kanjalonjalo. Manje, ezithathwini nezikhombisa, yinombolo kaNkulunkulu ezibalweni zaKhe zokwembula iZwi laKhe.

381 Manje niyaqaphela, njengaku—ku—kubagibeli, manje, kwakunamahhashi amathathu aphumayo. Elinye lawo kwakungelimhlophe, elinye lalingelibomvu, elinye lalingelimnyama. Kwase kuthi-ke, ehhashini lesine, ngani, onke lalixutshwe ndawonye. Niyabo, inhloso ekathathu.

382 Manje, uNkulunkulu wenza into efanayo. UNkulunkulu wenza okufanayo ngenkathi Ethumela ingonyama yaKhe, okwakuyiZwi laKhe, ukulwa nomphikukristu.

383 Bese-ke sithola ukuthi Wathumela inkabi ngesikhathi se—sesikhathi sokuhlupheka, isilwane somhlatshelo. Nakulesisikhathi sokuhlupheka, yilokho kuphela abantu ababengakwenza, kwakungukusebenza nje, isigqila, futhi bazinikele babe ngumhlatshelo.

384 Bese-ke sithola ukuthi, onyakeni olandelayo, okwakungunyaka wabaguquli, uNkulunkulu wathumela ukuhlakanipha komuntu, ikhanda elinjengelomuntu esiDalweni, okwakungamandla aphuma kubaguquli.

385 Manje niqaphelile na? Wonke. . .Akumangalisi abantu balezizinsuku besaphila futhi ekuyendezeleni, njengoba kwakunjalo onyakeni wabaguquli, ngoba nje bakubona nge—ngendlela yobufundisi yokukubuka. Bakubona ngendlela

amakholiji elikufundise ngayo. Leyo kwake kwaba yindlela kaNkulunkulu, kodwa siphile sedlula kulokho.

386 Manje sesisonyakeni wokhozi, isambulo esizokwembulwa, yonke into. Manje qhathanisani lokhu neSambulo isahluko 10, ivesi 1 kuya kwele 7. Futhi sizobona lapha kulesiSambulo, iSambulo lapha, 10:1 kuya kwele 7, ukuthi, "Ngezinsuku zokubethwa koMlayezo wengelosi yesikhombisa, kwakungukuqeda nya zonke izimfihlakalo zikaNkulunkulu."

387 Manje siyathola, futhi, kulokhu, ukuthi uPhawu lwesiThupha, manje luvulwa, lwalungolwenhloso ekathathu. Manje, lapha kwakuyizinhloso.

388 Into yokuqala, yayingukuthi, ukuthi intombi elele yayidingeka yedlule esikhathini sokuHlupheka kokuhlanjululwa. Yadingeka ihlanjululwe izono zayo zokungakholwa nokwenqaba uMlayezo. Lokhu, ikwenze ngesikhathi sokuHlupheka. Siyabona ziphethela ngapha eSambulweni 7, phakathi kwesahluko 6 nese 7 lapha, ukuthi yayikade ihlanjululiwe, futhi yayikade inikwe izingubo zayo ezinde. Manje, ayisuye uMlobokazi. Kodwa yibandla, abantu abamsulwa a—a—abangabanga nalo ithuba, mhlawumbe, ukwemukela uMlayezo, noma ngenye indlela ukuthi baphuphuthekiswa yilababaprofethi bamanga. Futhi ba—abalitholanga ithuba, futhi nokho baqotho ngempela enhliziyweni. Futhi uNkulunkulu uyayazi inhliziyo yabo. Futhi lapha bayahlanjululwa, ngalesisikhathi.

389 Niyakuqaphela, esinye isikhathi sokuhlambulula, lokho kungokukaIsrayeli, uma eqoqana. Lokho ukusonga kwesibili. UNkulunkulu uhlambulula uIsrayeli esikhathini sokuHlupheka. Ezigidini eziyoqoqana lapho, kuyoba nezinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane, futhi bayohlanjululwa, futhi. UNkulunkulu uhlambulula uIsrayeli.

390 Qaphelani, kunomhlaba wonke ozohlanjululwa. Kuyoba nento ngangokuthi inyanga, izinkanyezi, nayo yonke imvelo, iyohlanjululwa. Niyabona ukuthi kuyini na? Umhlaba uzenza busha, ngokuhlanjululwa, ulungela isikhathi seminyaka eyiNkulungwane. Isikhathi seminyaka eyiNkulungwane siyakhuphuka. Futhi, niyabo, noma yini enokungcola kuyo izohlanjululwa ngesikhathi soPhawu lwesiThupha.

391 Manje, manje, niyaqaphela na? Ekuvulweni kwaloluPhawu lwesiKhombisa, futhi lusemfihlakalweni ekathathu. Lolu, ngine . . . ngizokhuluma futhi ngikhulumile, ukuthi yimfihlakalo yemiDumo eyisiKhombisa. ImiDumo eyisiKhombisa eZulwini iyosombulula lemfihlakalo. Kuyoba khona impela ekuFikeni kukaKristu, ngoba uKristu wathi akekho owayazi ngenkathi Ebuya.

392 Niqaphelile, ngenkathi amaJuda eMbuza lokho na? Yazini . . . Ngenkathi siqhathanisa umBhalo lapha noMathewu

24, neziMpawu eziyisithupha, uPhawu lwesiKhombisa lwashiywa ngaphandle. Ngoba, niyabo, uKristu wathi, "NguNkulunkulu kuphela owayazi; hhayi ngisho neziNgelosi." Akumangalisi, Lwalungalotshiwe ngisho. Niyabo, zathula; akukho okwenzekayo ngaleyonkathi. IziNgelosi aziLwazi. Akekho owaziyo ukuthi Uza nini.

393 Kodwa kuyoba khona i—kuyoba khona i—i amaPhimbo ayisiKhombisa, alemiDumo, ayokwembula isambulo esikhulu ngalesosikhathi. Ngakho, ngiyakholwa, kithina esi . . . Uma singaLwazi, futhi uma si . . . Aluyikwaziwa kuze kube yilesosikhathi. Kodwa luyokwembulwa ngalolosuku, ngehora okufanele lwembulwe ngalo. Ngakho, into kithi ukuba siyenze ngukuba sihloniphe ngokuzithoba phambi kukaNkulunkulu, futhi siMkhonze, futhi senze konke esaziyo ukuthi kwenziwa kanjani, futhi siphile ezinhle, izimpilo zamaKristu. Lapha, manje, sithola ukuthi uPhawu lwesiThupha luvulelwe thina; siyaLubona. Futhi siyazi ukuthi loluPhawu lwesiKhombisa lungeke lwephulelwa umphakathi kuze kufike lelohora.

394 Manje, kwakunesinye isizathu ukuthi uNkulunkulu avumele leli amaPhimbo ayisiKhombisa adume. Ngoba, Lufanele lufike, niyabo. Ngokuba i . . . Sithola ukuthi uKristu, iWundlu, wathatha i—iNcwadi esandleni saKhe, wase Embula loloPhawu lwesiKhombisa. Kodwa, niyabo, yimfihlakalo efihliwe. Akekho oLwaziyo. Kodwa, Lu—Lu, kuhambisana ngqo nalokho Akusho, "Akekho owayeyokwazi ukuFika kwaKhe." Babengeke bazi futhi ngemfihlakalo yoMdumo wesiKhombisa. Ngakho, niyabo, kuxhumene ndawonye.

395 Lokho okungako, sinokuLuqonda, namhlanje, ngoba konke okunye kwaLo kusombululwe konke; kodwa lokhu akusombululiwe. Kodwa ngihlezi ekamelweni lami, futhi ngezwa lokhu . . . noma, angikuzwanga, njalo, kodwa ngibone Lusombuluka kulemiDumo eyisiKhombisa. Manje, lokho kungukuthi singahamba sigcine lapho, khona lapho.

396 Futhi manje ngithemba ukuthi nonke nizomkhonza uNkulunkulu futhi nenze lokho okulungileyo. Futhi niMthande, yonke impilo yenu, futhi niMkhonze. Futhi uNkulunkulu uzokunakekela konke okunye.

397 Manje, sine, ekupheleliseni lapha manje, ngomusa kaNkulunkulu, zonke izimfihlakalo zeziMpawu eziyisiyithupha obekunamekwe ngophawu, futhi siyaqonda futhi siyazi lapha ukuthi uPhawu lwesiKhombisa aluzukwaziwa emphakathini.

398 Manje, ukuFika kwaKhe, ngehora lokuFika kwaKhe, nxa ukubhujiswa komhlaba, niyazi. Washo lapho, "Siyoba yini isibonakaliso sokuphela kwezwe na?" KuMathewu 24, lapho lapho abaMbuza khona lowombuzo. Wehlela kulokho. Washo ngoIsrayeli eqoqwa njengesizwe, evesini 31, likaMathewu 24:31. Kodwa manje-ke Wasuka waqala ngemifanekiso, niyabo.

Manje-ke nibona i . . . "Fundani umfanekiso womkhiwane. Nxa niwubona uhluma imiqumbe yawo, ngani, niyazi intwasahlobo isiseduze. Bese kuthi-ke nxa nibona lokhu kufezeka, khona-ke nazi ukuthi isikhathi sesiseduze." Niyabo, uIsrayeli eqoqana ekhaya lakhe lendabuko. Kodwa, niyaqaphela, Washiya isambulo saloluPhawu lwesiKhombisa.

399 Futhi lapha, ngenkathi uPhawu lwesiKhombisa, ngenkathi Eluvula, WaLushiya futhi, niyabo. Ngakho siyabona ukuthi Luyimfihlakalo ephelele, ngakho-ke ihora alikabi silo olwemfihlakalo ukuba yaziwe. Ngakho-ke, siselapha, nokunye kwaLo kuyokwaziwa lapha nje ngesikhathi uJesu esebonakala emhlabeni futhi, ezela uMlobokazi waKhe, kumbe noma ngabe kwenzekani ngalesosikhathi. Manje, kuze kube yilesosikhathi, asikhuleke sonke nje, siphile ezinhle, eziqondile, izimpilo zamaKristu, sibheke ukuFika kwaKhe.

400 Futhi manje uma leteyipu kungenzeka iwele esandleni sabanye abantu ndawondawo, ningazami ukwenza izimfundiso ezingacacile kukho. Into kuphela eniyenzayo, qhubekani nje nikhonza uNkulunkulu. Ngoba, lemfihlo enkulu inkulu ngangokuthi uNkulunkulu wayengenakumvumela ngisho noJohane ukuba aLulobe. Lwaduma, kodwa U . . . azi lokho, esithembisa ukuthi Luyovulwa. Kodwa, kuze kube yilesisikhathi, Aluvuliwe.

401 Futhi manje siyabonga kuNkulunkulu ngalokho Asibonise khona. Kade ngihlezi ekamelweni phezulu lapho izinsuku eziyisishiyagalombili. NoMlayezo engisanda kuwuqeda nje ukuwuchaza kini, abaningi benu lapha bazoqonda. Futhi ngethembise ukuthi bekukhona into eyenzekayo, ngokomoya, ngaso sonke isikhathi, ebengiqinisekile ukuthi benikugeja. Futhi nakhu okuyikho; ngukuqinisekiswa uqobo kwalokhu ukuhunyushwa kwemiBhalo kuthunyelwa nguNkulunkulu.

402 Ngoba, ngaphambi kokuba ngisho singene kuLo, futhi ngizizwe kuthi angiye entshonalanga, iNkosi yangibonisa umbono ngolunye usuku, cishe ngeleshumi nqo, ngokunye ukusa. Futhi ngiyafika futhi ngakuchaza lapha, ukuthi ngangikubonile; ngangingazi ukuthi kwakuyini. Kwakuyisixuku seziNgelosi esiyisikhombisa. Sizokukhumbula lokho. Nizokuthola eteyipini, ethiwa, *Sikhathi Sini, Mnumzane na?* Awu, manje, yilokho impela enikubonayo manje. IziNgelosi eziyisikhombisa . . . Ngangisentshonalanga.

403 Niyakhumbula, izithunywa ezincanyana, zaya empumalanga. Izithuywa zesibili, amajuba, izinyoni ezithe xaxa kancanyana, zaya empumalanga. Ngase-ke ngibheka . . . Zazinami, ngaso sonke izikhathi. Lowo kwakuyilowoMdonso wokuQala nowesiBili.

404 Manje, owesiThathu wavela entshonalanga, ushanela uya phambili ngelikhulu, ijubane elesabekayo, Zangiqukula. Lokho

kwakungukubuyela empumalanga, nemfihlakalo yeziMpawu eziyisiKhombisa. Njengoba kwasho nje e—ephusheni likaJunior Jackson, iNkosi eyangivumela ngimhumushele lona lapho, “Kwingaphakathi lalesosivivane, kwakuneTshe elimhlophe elalingabhaliwe.” Yingalesosizathu ngadingeka ngiye entshonalanga, ukuxhumana nalena uMlayezo weziNgelosi, ukuba ngibuyele lapha ukuLwembula ebandleni. Khumbulani, ngathi, “Izinto ezilandelayo ezenzekayo ziyoba lapha ebandleni.” Lokho kunjalo impela nje.

405 Enye into, ngifuna niqaphele ukuthi kwenzekeni. Futhi uma nilalele iteyipu, yalona othi *Sikhathi Sini, Mnumzane na?,* nizoqaphela ukuthi iNgelosi eyodwa yayigqamile impela kimi. Zonke ezinye zaZo nje yayibonakala ijwayelekile. Kodwa leNgelosi yayiyiNgelosi egqamile. Yayingakwesokunxele sami, esixukwini esimweni sesivivane.

406 Futhi, khumbulani, kwakusesivivaneni, lapho iDwala elimhlophe elaliyimfihlakalo lalingabhaliwe. NeziNgelosi zangithatha zangifaka kulesosivivane saZo uqobo, izimfihlakalo zikaNkulunkulu zaziwa kuphela kuZo. Futhi, manje, Zona sasiyiziThunywa ezazize ukuzohumusha lesosivivane, noma lowoMlayezo wemfihlo yaleziziMpawu eziyisiKhombisa okulele ngaphakathi kwisivivane.

407 Manje, iNgelosi, yayingakwesokunxele sami, yayingaba ngempela ngeyokugcina, noma iNgelosi yesikhombisa, ukuba besingaZibala kusukela kwesokunxele kuya kwesokudla. Ngoba, Yayingakwesokunxele sami; mina ngiYibuka, ngasentshonalanga, Yona iza ngasempumalanga, yayingaba ngakwesokunxele. Ngakho, lowo kwakungaba nguMlayezo wengelosi yokugcina, egqame kakhulu. Khumbulani ukuthi ngasho kanjani ukuthi YayinelaYo, ibhekise ikhanda laYo emuva; nawaYo amakhulu, amaphiko acijile; nokuthi Yandizela kanjani kimi ngqo. Manje, lolo yiloluPhawu lwesiKhombisa. Isalokhu iyinto egqamile. Futhi si . . . Asazi ukuthi Luyini, namanje, ngoba Aluvunyelwe ukwephulwa.

408 Kodwa manje, ngamunye wenu emhlanganweni ukuqaphelile lokho, ukuthi bekungumhlangano onjani nje! Sonke umuntu ubebonakala nje esekugcineni ngqo kwesihlalo sabo. Nawo wonke umuntu emi ezungeze lapha, ngelokuqala, elesibili nqo ntambama, elindele iminyango ukuba ivuleke, bese enyukela lapha ngaphambili. Bemi bezungeze izindonga; izitho ezinenkwantshu, nayo yonke into.

409 Kuyini na? BekunguMoya oNgcwele uthumela phansi leziziThunywa, futhi kade ZiLwembulela thina. Bese kuthi-ke qaphelani ukuthi Luhlangane kanjani okwesisila sejuba neZwi, impela.

410 Bese kuthi-ke ukunazisa nonke ukuthi leli yiQiniso, Yakusho ngaphambili cishe—cishe sekuyizinyanga ezimbili

manje, noma ngaphezulu, ngaphambi kokuba kuze kwenzeke. Lokho, ngenkathi ngiya entshonalanga, ngingaLwazi; ngibuyela lapha nokuhunyushwa njengoba IKunikezile. Manje khumbulani, embonweni, Ayizange ingitshele lutho ngenkathi Ingenyusa. Ngangesaba, ngesaba ukuthi ngangizofa, ngibulawe ekuqhumeni. Niyabo, Zazingenakukwenza.

411 Ukuhunyushwa kufika njengoba ngangiLudinga, lokho kwakusekamelweni, futhi ngaLunikeza njengoba ILunikeza.

412 Manje, niyabo, bangani, imibono awehluleki. Ihlala njalo iphelele. Iqinisile nje ngempela.

413 Manje, umbono, kuhlanganiswe neZwi, kuhlanganiswe nomlando, kuhlanganiswe neminyaka yebandla, nakho konke, kuhlangana thaqa ndawonye. Ngakho, bengingasho ngeqiniso, ukuthi, ngokwazi kwami okwedlula konke, nangokweZwi likaNkulunkulu, nombono, nesambulo, ukuhunyushwa ngakhoke kungu ISHO KANJE INKOSI.

414 Manje, kwangathi iNkosi inganibusisa nonke, ngamunye, kakhulu impela, njengoba sima manje futhi sicula leli elimnandi iculo elidala lebandla. UNkulunkulu anibusise, ngamunye. Amen.

415 [UMfowethu Branham wenezela imigqa emine, ethathwe kuparagrafu 374-375 woMlayezo wakhe wayizolo kusihlwa, ngoMashi 24, 1963—Umhl.]

Ngi . . . (UNkulunkulu anibusise!) . . .<br>
ng'yaMthanda, (ngayo yonke inhliziyo yami),<br>
Ngoba Wang'thanda kuqala.

UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Neville . . . ? . . . Hlala esigxotsheni somsebenzi . . . ? . . .

